# ASIBONE UNKULUNKULU

Ningahla phansi. Ngiyaxolisa ukuthi ngenze lokho, Mfowethu Borders, kodwa kube khona udaba oluphuthumayo ngaphandle lapho ngqo, ubebulawa ngumdlavuza, bengifanele nje ngifinyelele kulo. Nje... Ngiyazi ukuthi nizongixolela ngalokho. Ngakho-ke, konke kulungile. Ngangikuzonda ukuba leyithi. Kade ngilindile kancanyanyana nje, futhi ngihlangana nabangane, bese kuthi-ke ngiyangena kuloludaba olusanda kungeniswa, kakhulu, kubi kakhulu, ngakho-ke ngiye ngadingeka ukuthi ngifinyelele kulo ngokuphuthuma okukhulu.

2 Angazi nje ukuthi ngiqale kanjani, kulentambama. Bengicabanga emgwaqeni ngalapha, "Yini ebengingayisho eze—izethameli zabantu abakanjena?" Lona kube umhlangano obalulekile kakhulu kimi. Futhi angikusho lokho ngenxa yokuthi nje ngingaphambi kwenu. Ngikusho ngoba kuvela enhliziyweni yami. Futhi ngifuna ngamunye walaba befundisi ukuthi bazi ukuthi ngithatha lokhu ngokwemihlangano yami emikhulu kunayo yonke engake ngaba nayo. Kunjalo. Ngenxa yobambiswano olukahle lwenu ngokuvelele ngakho. Ngiye ngabona izikhathi ukuthi ngenkathi kwaku... Ngibe nokuningi ezethamelini, ukuthamela okukhulukazi, kodwa angikaze ngiwubone umhlangano engake ngaba nawo empilweni yami njenganoma iyiphi inhlanganyelo enomoya omuhle kakhudlwana kunalokho engike ngaba nakho phakathi kwenu bazalwane. UNkulunkulu anibusise. Ngethemba ukuthi amabandla enu azokhula futhi enwebeke kuze kungasabi nasiphetho sawo. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonigcina enkonzweni yenu kuze kuba Uyafika. Lona ngumkhuleko wami oqotho ngani. Futhi ngi—ngibe ngisho lapho ngibe nabefundisi amaningi obambiswaneni, njengakwezinye izikhathi e-Afrika, eNdiya, kanjalo, lapho besiyoba namakhulu amaningana ebhodini. Kodwa akukaze kube nesikhathi njenge, kubukeka kanjalo, ngemuva kwami, inhliziyo eyodwa nokuvumelana kunye. Lokho kuyamangalisa ngempela. Ngiyakuthakasela ngempela lokho, bafowethu. Futhi mina ngempela, noma yini ebengingake nginenzele yona, khumbulani nje ngingumfowenu. Ubusuku abubimnyama kakhulu, imfula ngeke ine kanzima kakhulu, niyabo, Ngizokwenza noma yini engingayenza ukunisiza niqhubezele phambili iVangeli elikhulu noma nginenzele okuthile. UNkulunkulu abe nani njalo!

3 Ngifuna ukusho futhi, kumfowethu omncane lapha, uRoy Borders, ngisanda kumazi nje uMfowethu Borders okwesikhathi esifushane. Bengihlala ngifuna ukuthola umuntu othile obengangihlelela imihlangano. UMfowethu

Roy ubukeka eshaya esikhonkosini. Akasuye umfundisi. Ungusomabhizinisi. Ngimvumele ukuba ahlele imihlangano emibili noma emithathu, ukubona nje ukuthi uyokwenzenjani, nalokhu kungumphumela: nganhliziyonye. Futhi imvamisa uma kuza umfundisi ezokwenzela imihlangano yakho, awu, kuhlale kukhona umfundisi onokuthile okunye, futhi yena unemfundiso noma—noma enye into a—afunayo ukuyethula. Futhi ungena phakathi kwesigejane sabefundisi futhi wethula imfundiso, khona-ke—khona-ke usenkingeni. Niyabo? Ngakho-ke, kungcono endodeni hhayi umfundisi.

4 Kambe, ngingena, othile wangibuza, wathi, "Mfowethu Branham, uyiJesus Only, ungoweJesus Only na?"

5 Ngathi, "Lutho nhlobo."

6 Futhi wathi, "Omunye uthe ubungakholelwa ekukhulumeni ngezilimi."

7 Ngathi, "Abangazi kahle kakhulu, yilokho kuphela. Ngokuqinisekile, Ngiyakholelwa."

8 Manje, futhi uMfowethu Borders uyindoda ehloniphekile enobuKristu ngempela, wenze umsebenzi omuhle impela. Futhi impela ngibonga uMfowethu Borders ngokungimema. Ube nosizi oluningi, inkathazo eningi, kodwa we—wenze umsebenzi omuhle. UNkulunkulu abusise uMfowethu Borders, ngumkhuleko wami oqotho.

9 UMfowethu Wagner, ngicabanga ukuthi uthi ukuba ungusihlalo, ngiyakholwa. Ungoyedwa ebengihlangana naye njalo, wekomidi. Umsebenzi omangalisayo, njengoba enzile ngesinye isikhathi, kulungile. Ungimeme phandle ekhaya ukuthi ngibe kanye naye, ngahlala ekhaya lakhe. Ngiqinisekile ukuthi bengifuna ukwenza lokho kabi kabi, ngangingacishe ngikuzwe. Bekumele ngiyinqabe ngoba bengicabanga ukuthi mhlawumbe, ngalenhlanganyelo enhle, ngingathanda ukuza kwelinye nelinye lamakhaya enu, niyabo, ngithanda ukubona ngamunye wenu. Futhi ngi—ngiwuhloniphile umuzwa wenu, futhi ngiqinisekile uMfowethu Wagner uqonde kahle ukuthi bekuyini nje, niyabo. Ukuthi ngi. . . uma ngingaya kwaMfowethu Wagner, ngingathanda ukuya komunye nomunye wenu kanjalo. Uma ngingakwenzi lokhu, Mfowethu Wagner, ngolunye usuku ngakolunye uhlangothi, ngakolunye uhlangothi nje, ngifuna iminyaka eyinkulungwane, ngamunye, kanye nomunye ngamunye wenu. Ngakho-ke sizoba nesikhathi esimnandi ngaLapho!

10 UMfowethu Toy, yena impela, usevele nje. . . angiboni ukuthi uzenza kanjani izinto eziningi ngasikhathi sinye, kepha ngokuqinisekile angenza okuningi kakhulu. Ngimbonile ngelinye ilanga ekudleni kwasekuseni kweBusiness Men, ukuthi ubeyithatha kanjani ingxenye yomshumayeli, umdikoni, umlondolozi, nanokunye okuzayo, futhi wayezama ukukwenza

konke. Uyayithanda iNkosi. Ngibe nenhlanhla yokuhlangana nonkosikazi wakhe, nokubona indodakazi yakhe ethandekayo nomyeni wayo becula. Impela bekukhuthaza. Ngisanda kuthi kuye, emizuzwini embalwa edlule, "Abadingi ukuba sekhaya, besebenza umsebenzi ojwayelekile. Bekufanele babe ngaphandle emasimini obuvangeli ndawo ndawo, nezipho ezinkulu kanjalo."

11 Niyabo, ngamunye unakho, ngiyethemba angishiyi muntu ngaphandle. Inenekazi lelo elidlala upiyano, abaculi, amakhwaya, nakho konke obekukhona, impela ngiyakuthakasela ngayo yonke inhliziyo yami.

12 Futhi abafana lapha, uGene noLeo, bafisa ukuzwakalisa imizwa yabo kini, futhi, ngokuthengwa kwamateyipu nezincwadi, futhi ingxenye okumele bayinake. Ngisanda kuhlangana nje nabo emnyango, emizuzwini embalwa edlule, futhi ngibatshele ukuthi ngizozwakalisa imizwa yabo kinina bantu. Impela bayakwazisa konke enikwenzile ukubasiza nokuhamba okukhulu kukaNkulunkulu.

13 Futhi manje lokhu kuvela kimi uqobo, indodana yami, umkami, nomalokazana wami, nabo bonke. Abaningi, omunye ubelokhu ethi, "Ngubani uDadewethu Branham na?" Leyo yintombazane enamahloni kakhulu kunawo onke engake ngayibona kuyo yonke impilo yami. O, he!

14 UMfowethu Art Wilson, nginesiqiniseko sokuthi nonke niyamazi. Ngikholwa ukuthi kwakungumfowethu...Qha, kwakunguMfowethu Jewel Rose, ngobunye ubusuku, wathi, "Sizoba noDadewethu Branham enyukela emsamo," futhi wathi wacishe waba nokuhlaselwa yinhliziyo. Uvele nje... Unamahloni kakhulu ngempela.

15 S'thandwa, uma ungeke uquleke, ungasukuma nje umzuzu, ukuze umuntu othile abone ukuthi intombazane enhle kanjani engayishada. Kulungile. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Umalokazana wami, unkosikazi kaBilly, uLoyce, ungasukuma, Sisi, umzuzwana nje. Lowo ngumkaBilly, [Ibandla lishaya izandla] nomalokazana wami.

16 Iningi lenu selizwile ngoJoseph. Anikaze na? Abantu base-Afrika usanda kumthumela ijazi elincane lemibala eminingana. Ngambona iminyaka eyisithupha ngaphambi kokuba afike, lapho udokotela ethe asisoze saba nenye ingane, sasingeke sibenayo. Abantwana bethu bekufanele babelethwe ngokuhlinzwa. Umama wami, abantu bakubo kwamkani bangaleyondlela, bona, abantwana babo bonke babelethwa ngokuhlinzwa. Futhi iNkosi yangitshela ngangizoba nalengane, lapho udokotela ethe kwakungeke kwenzeke, wathi kwakungeke nje kwenzeke. Ngathi, "Kuzoba njalo, noma kanjani." Futhi salinda iminyaka emine, ngemuva kokufika kombono wokuthi

ngizoba nomfana, futhi ngifanele ngi "muqambe igama lakhe ngokuthi 'uJosefa.'"

17 Futhi, emva kwalokho, kwaphinde kwazalwa enye intombazane. Wonke umuntu wangihleka, futhi wathi, "Ubusho u 'Josephine.'"

18 Ngathi, "Qha. Ngangisho ukuthi u 'Joseph,' njengomfana." Mhlawumbe uzothatha indawo yami lapho sengingasekho, uma uJesu elibala. Futhi eminye iminyaka emine; khona-ke udokotela wayenesiqiniseko sokuthi ngeke kuphinde kube khona omunye; eminye iminyaka emine, uJoseph wafika.

19 Ngiyamangala, mama, uma ungamphakamisa umzuzu nje. Ngifuna ukuthi babone ukuthi . . . Lo mfana usevele ungumoya wesiprofetho phezu kwakhe. Futhi u . . . Sukuma kancane nje, Joseph. Nango lapho ekhona. Kulungile. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ufana nonina, unamahloni.

20 Ngizonitshela ngokwenzekile. Sasihambile . . . Uneminyaka emine ubudala manje. Kodwa ngenkathi wayenemithathu, sasihambile. Futhi wathi, "Babayi?"

Futhi ngathi, "Yebo, s'thandwa."

21 Wathi, "UDavid . . ." Lowo ngumfana owayekhubazekile, futhi waphiliswa, indodana kaMnu. Wood esakhelene nayo. Wathi, "Ngangi . . . ngamubona ephihlizekile ngesithuthuthu." Akanaso ngisho isithuthuthu. "Futhi simlimaze umlenze wakhe, saklebhula izingubo zakhe ohlangothini lwesokunene."

Ngathi, "Kwakukuphi lokho, s'thandwa na?"

22 Wathi, "Phansi emzileni ukusuka lapho sihlala khona." Futhi ezinsukwini ezintathu kamuva, umfana weza evela eKentucky, egibele isithuthuthu, noDavid wehla ngomzila futhi walimala uhlangothi lwakhe lwesokudla futhi kwaklebhula izingubo zakhe, nje njengoJosefa wakubona.

23 Ngesikhathi ngimnikela eNkosini, ekuseni, kwakunezingane ezincane eziningi zimile, futhi zazinomama kanye nazo eceleni kwe-altare. Ngenkathi ngiqukula uJoseph ezingalweni zami, ngingacabangi ukuthi ngangithini, ngathi, "Joseph, ndodana yami, ungumprofethi wena." Lowo ngumkhuleko wami, noma kanjani, futhi ngikholwa ukuthi kuzoba njalo, ukuthi, uNkulunkulu uzothatha yonke into Ake anginika yona, futhi akuphinde kabili kuphindwe kabili, bese kufakwa kulowomfana, bese kuthi lapho sengihamba ukuthi uzothatha indawo yami.

24 UBilly ube ngushomi wami. Ngimkhulisile; unina washona lapho yena wayenezinyangaa eyishumi nesishiyagalombili nje ubudala; futhi ngibe ngubaba nomama, kokubili, kuyena. Kodwa ubukeka sengathi akanalo ubizo lokuba ngumshumayeli. Unamahloni, ohlehlela emuva, njalo njalo, ufana kakhulu njengonina, unamahloni. Kepha ube wusizo olukhulu kimi

ngokuhambisana emhlanganweni, ngoba bengimthemba, ngimthathe ngaphandle lapho futhi ngimnikeze umsebenzi onomthwalo. Niyabo, lowo msebenzi wamakhadi omkhuleko ngumsebenzi onomthwalo. Othile ubamba lokho bese ethi... Indoda ngesinye isikhathi yathi, "Ngizokunikeza amakhulu amahlanu amadola uma ubungabeka umkami emsamo." Uma-ke lokho bekuyokwenzeka na? Bese kuthiwani ngoMoya oNgcwele na? UBilly wazi kahle ngokwanele ukuthi angaze azame lokho. Wayazi ukuthi ngangizokuthola ngokushesha nje lapho efika emsamo, ngakho-ke, iNkosi iyokwembula. Yingakho waye—wayengeke akwenze, ngakho-ke sonke siyabonga kinina.

25 Futhi-ke kumgcini, umnumzane osisizayo esangweni lapho, futhi ngicabanga ukuthi uluhlobo oluthile lomgcini lapha, noma okuthize, noma unogada esangweni. Nakubo bonke abantu abasivumela ukuba sibe nalelihholo elikhulu elihle, angikwazi nje ukuthi "ngiyabonga" ngokwanele. Ngiyakwazisa impela, nakho konke lokho okukuyo yonke indlela, nakho konke okwenziwayo.

26 Manje bangitshelile, Mfowethu Borders, esikhashaneni esedlule, ukuthi bathathe umnikelo wothando benzela mina. Ngiyakwazisa lokho, futhi ngayo yonke inhliziyo yami. Ngizokusebenzisa, ngokwazi kwami konke, ngoMbuso kaNkulunkulu. Manje, akusikho lokho esikugcinayo lapha okubalulekile, yilokho esikuthumela kukho. Futhi ngineqiniso lokuthi uNkulunkulu uzokubeka lokho kwi-akhawunti yakho eMbusweni ozayo.

27 Manje, anginalo uhlelo lomsakazo. Anginakho engingakuthengisa. Kodwa uma ungake udinge elinye lalawa maduku noma okuthize ukuba kukhulekelwe, ngibhalele eJeffersonville, e-Indiana, kuPost Office 325. Kuzosetshenzwa, uqobo lwami, bese ibuyiselwa kuwe ngqo. Nami ngiyakholwa kuleyo nkonzo. Futhi-ke uma uke ufise ukungishayela, BUtler 2-1519 ungithola eJeffersonville, e-Indiana. [Inombolo yocingo isishintshiwe.—Umhl.] Ngakho-ke, noma uma ungakwazi ukucabanga ngalokho, vele ungibuze eJeffersonville, bazongibiza. Manje, angikwenzi lokho ukuthola ikheli lakho, ngoba nginenkinga yokuthola umuntu othize ozongiphendula izincwadi amaletha, njalonjalo. Futhi manje angisemningi... Kulungile, ngiyakholelwa kulezinhlelo. Konke okuzosiza uNkulunkulu, makube njalo.

28 Kepha, uyazi, ngizizwa kanjena, ukuthi ilungu lebandla, isibopho sabo sokuqala ukuthi, ngokweshumi kwabo kanye neminikelo, kungukuxhasa kwabo ibandla labo. Uma ningamalunga alamabandla amahle amelwe lapha, liseke ibandla lakho. Lowo ngumsebenzi wakho wokuqala kuNkulunkulu. "Ngenisani okweshumi neminikelo yenu enqolobaneni." Futhi iqolobane, uyazi impela ukuthi kuyini lokho, kulapho uthola khona ukudla kwakho. Ngakho-ke,

kulapho uthola khona ukudla kwakho kokomoya, futhi isibopho sakho sisebandleni lakho futhi hhayi kumvangeli njengami.

29 Wenyuselwa endaweni ethile emihlanganweni lapho siba nemikhankaso enjengale, lapho unokubekelwa eceleni okuncane ukusiza ukukwesekela, lokho kuyanginakekela. Futhi ngiyanibonga kakhulu. Futhi ngaso sonke isikhathi, izindwangu zomkhuleko noma yini efana naleyo, imahhala ngokuphelele. Akukho lutho kukho konke, asazi . . .

30 Futhi izincwadi zethu, kanjalonjalo, lapho sizithengisa, zi . . . Sifanele sizithenge, ngamaphesenti angamashumi amane ngaphansi kwalokho esizitholela khona ngazo, futhi khona-ke thina . . . lokho, lapho, uthola umonakalo omningi kubo, futhi uthola izindleko zemithwalo ngaphandle kwalokho, futhi uzofanele uzikhiphe lapha bese uzithengisa. Ngani, awukwazanga, awukwazanga ukulinganisa ngazo uma ubufanele, uyabo. Kepha sikwenza ngoba nje ukuthi ukuyisa uMyalezo kuwe, ukuzama ukukutholela usizo, uqobo lwakho; bese utshela omunye umuntu, bese udlulisela kubo. Yilokho lezizinto ezingokwakho, akunjalo na? Ubukhomanisi bukhipha izincwadi zabo nezincwadi zabo zokufundwa, mahhala, ngoba bangumbuso omkhulu. Ngingumuntu oyedwa nje. Ngifisa sengathi bengingakwazi, ngibe nemali nje yokuthi “zonke izincwadi nakho konke, mahhala,” bengiyokwenza. Kodwa ngingeke ngikwazi ukukwenza, ngifanele ngibe nokuthile okufanele ngibuyele futhi futhi ngiprinte okunye ngaphezulu, noma—noma ngithenge okunye ngaphezulu.

31 INkosi ikubusise. Futhi ngikhulekeleni, angeke na? Futhi uma ngiphesheya kwezilwandle, futhi kulezo zindawo ezimnyama lapho kumi izinyanga bathakathi esandleni ngasinye, ukuphonsela inselele kukho konke okushoyo, izikhathi ziyahamba kanzima, kuvunguza imimoya eshisayo yoshushiso, ngingakubeka ohlwini, noma ungifaka ohlwini lwakho, futhi ngiyakhumbula lapho kufanele ngihlangane khona naleyo nselele yezinyanga bathakathi nodeveli, nezinto phandle lapho ensimini, Ngingasho ukuthi, “uSan Jose uyangikhulekela”? Ngabe uzokwenza, uzokwenza lokho na? Phakamisa isandla sakho uma uzokwenza, uthi, “Ngizokukhulekela.” Ngiyabonga. Ngiyabonga, bazalwane. Ngiyabonga. Ngiza phakathi kwenu, ukuba ngibe umfowenu, nokuletha . . . ukusiza ukuletha ukuthula noKristu, konke kuhle kuwe. Ngikhulekeleni. Uma kukhona engimshiyile, ningixolele, angiqondile. Kepha “ngokubonga” okukhulu ngenhliziyo yami, nezibusiso zikaNkulunkulu kulowo nalowo kini.

32 Sizohamba siye ekhaya manje, khona manje. Ngicishe ngibe nezinsuku ezintathu ukuhlangana lapho esontweni lami elincane, ngibafundisa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukukhuluma ngezilimi, izibonakaliso nezimangaliso ukulandela amakholwa, njalonjalo; kwabantu abaseduze, phakathi lapho.

33 Ngiyakholelwa kuzo zonke izipho zikamoya. Ngiyakholelwa kulo lonke iBhayibheli. NgiyiPentecostal kusukela phezulu kwekhanda lami kuya ngaphansi kwezinyawo zami, ngaphakathi, ngaphandle, nxazonke, yonke indawo. NgiyiPentecostal! Yebo, mnumzane! Bathi, "Uyi 'Baptisti,' wena ushilo." Ngiyi-Pentecostal Baptisti. NgiyiBaptisti eyathola isiBusiso sePentekoste. Ngakho-ke ngi. . . ngiyayithanda iNkosi uJesu.

34 Futhi ngangishumayela. . . Ngahlangana nabangane abathile base-Arkansas, ngaphandle, futhi besikhuluma nge-Arkansas. Futhi eLittle Rock, ngobunye ubusuku njengoba. . . Kwakukhona umfowethu omdala oyiNazarene owayehamba ngezinduku zokuqhugela, futhi ubedayise amapensela estaladini, iminyaka. Futhi nanguya ngaphandle estaladini, ngosuku olulandelayo, nalezizinduku zokuqhugela ezindala, ehla enyuka esitaladini, ekhazimulisa uNkulunkulu nje. Ngalobo busuku waye. . . IHholo iRobinson Memorial, nina bantu abavela ngaseLittle Rock niyazi ukuthi likuphi. Futhi—futhi waphakamisa isandla sakhe, wayesethi, "Umzuzu nje, Mfowethu Branham, ngifuna ukukubuza okuthize."

Ngathi, "Yebo, mnumzane, yini leyo na?"

35 Futhi wathi, "Uyazi, ngenkathi ngikuzwa ushumayela, nganginesiqiniseko sokuthi wawuyiNazarene." Isizathu, yilokho ayeyikho. Wathi, "Benginesiqiniseko sokuthi ubuyiNazarene, ngoba ushumayela njengeNazarene nje." Futhi wathi, "Ngibe-ke sengikuzwa uthi wawuyilungu, ngalesosikhathi, lebandla leBaptisti." Futhi wathi, "Lonke ibandla lakho, cishe impela, liyiPentecostal." Wathi, "Angikutholi lokho."

36 Ngathi, "Awu, kulula lokho. NgiyiPentecostal Nazarene Baptisti." Ngakho-ke yilokho okuyikho. Konke yilokhu: simunye, kuKristu Jesu, siboshwe ngezibopho zothando lwaKhe.

37 Asikhuleke manje ngaphambi kokuvula iZwi, asifuni ukunigcina isikhathi eside manje ukuthi uzophuza ukufika enkonzweni yakho yebandla kulobubusuku. Kepha ake sicele uNkulunkulu manje ukuba angene futhi asibusise, ngokwedlulele, ngokuchichimayo. Bangaki abanesicelo manje, phakamisani izandla zenu nithi, "Nkosi Nkulunkulu, Ngikhumbule nje, ngi—ngiyadinga namuhla"? UNkulunkulu abe nawe.

38 Baba waseZulwini, njengoba sisondela kanye futhi eBukhoneni baKho obuNgcwele, sif-. . . hhayi, futhi, sizizwa sengathi sifanele sikhumule izicathulo zethu, kodwa sikhipha inhliziyo yethu bese siyibeka nje phambi kwaKho, Baba. SiyaKubonga ngakho konke Wena okwenzile kulomkhankaso omkhulu. Siyaqonda, Nkosi, ukuthi ubukhulu abusho izinombolo. Ubukhulu nguBukhona baKho. Ngokuba,

kwalotshiwe ngokuphathelene noMesiya ozayo, ukuthi "zonke izindawo eziphakemeyo zaziyokwehliswa, kuthi izindawo eziphansi zaziyophakanyiswa; amaqabunga ayezoshaya izandla zawo, nezintaba ziyogxuma njengezinqama ezincane." Futhi umuntu ubengacabanga ekucabangeni kwakhe kokuhlakanipha, ngaleso sikhathi esikhulu esiyoba khona, lezozinqola zomlilo ziyovela eZulwini, ukuletha uMesiya. Kodwa kwenzeka kanjani na? Kulowo mshumayeli obukeka emahhadlahhadla omdala, ephuma ehlane laseJudiya, engagqokile ngisho njengomfundisi; nesiqephu sesikhumba ezisonge ngaso, kube—kube yindwangu; izinwele ndawo zonke kuye, nentshebe yakhe ebusweni bakhe; eshumayela, hhayi ebandleni, kodwa osebeni lwaseJordani, ememeza, "Phendukani, ngokuba uMbuso weZulu ususondele!" Phansi ngasogwini olunodaka, kuza izinyathelo zoMbazi waseGalile, owangena emanzini, futhi uNkulunkulu wakubona kakhulu lokho futhi wakuhlonipha waze Wawavula amazulu futhi babona uMoya oNgcwele wehla njengejuba phezu kwaKhe. Kwakukuhle lokho. Umuntu akubiza ngokuthi "kukhulu," kwesinye isikhathi kungubuwula emehlweni aKho, Nkosi. Kodwa umuntu akubiza "ngobuwula," kukhulu emehlweni aKho.

39 Manje sijabule kakhulu ukuthi kwenzeke into enkulu eSan Jose. Lapha kuhlezi abefundisi abahlezi lapha, abanye babo bangabe-Assemblies of God, abanye babo bangabe Church of God, i-Independent, nama-United Pentecostal, nazo zonke izinhlobo ezehlukahlukene. Futhi lapha ngimi phakathi kwabo, ngingasuye owanoma iyiphi inhlangano, kepha ngizama ukuma esikhaleni, ngikhulumela bonke. Futhi simunye, kuWe; inhliziyo eyodwa, ukuzwana kunye, indawo yinye. Isikhathi esinje pho ukuba uMoya oNgcwele uvuselele okuthile! Siphe khona, Nkosi. Yiba nathi, Nkosi. Busisa wonke amahlelo amelelwe lapha. Siphe khona, Baba. Bonke laba befundisi abahle, kwangathi amabandla abo angakhula futhi aphumelele, Nkosi. Kwangathi abagulayo bangaphiliswa, izimpumputhe zibone, izithulu zizwe, izoni zisindiswe futhi zigcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kwangathi kungaqhamuka imvuselelo kulelizwe lapha, ezonyakazisa yonke iWest Coast. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungaqhamuka intshiseko enjalo phakathi kwabazalwane bami, ukuthi nje bangakwazi nje ukuphumula; omunye uzoqhansa inhlansi komunye, futhi ibandla ngalinye lizoya phambili ngobunye obubodwa obukhulu, ukuba nenhlanganyelo omunye komunye, kuhleshulwa isinkwa endlini ngendlu, nganhliziyonye. Siphe khona, Nkosi. Thumela leyo mvuselelo esiyilindele.

40 Busisa ibandla, njengoba belindile namhlanje ntambama ukuphulukiswa kwabo, futhi abaningi ngenxa yensindiso yabo. Futhi ngisize, O Nkulunkulu, njengoba ngifunda

kuvela emaZwini aKho angcwele. Kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha okungokwaKho, Nkosi, futhi ukulethe ezinhliziyweni zethu. Bese-ke ungisebenzisa, Nkosi, ukuthi nginikeze ingxenye eyanelisayo yeZwi laKho kuyo yonke inhliziyo elambile. Ngizwe, ngiyakhuleka, Baba, eGameni likaJesu ngiyakucela. Amen.

41 Omunye uvele nje wanginika inothi elincane, futhi wathi, "uMfowethu Baxter, waseCanada, uthumela uthando lwakhe nokubingelela kini, futhi yena ulapha eCalifornia manje, ubambe umhlangano eConcord." UNkulunkulu abusise uMfowethu Baxter. UGeorge Patterson, ingabe wena ukhona na? George Patterson, ingabe wena ukhona emhlanganweni na? Uma ukhona, thatha uthando lwami . . . UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Patterson; thatha uthando lwami uluyise kuMfowethu Baxter, indoda ekahle. Futhi uma noma ubani wenu oseduze lapho, uma ufuna ukuzwa intshumayelo eshunyayelwa indoda ekwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, hamba uyomuzwa, uma ungalapho; impela ungumshumayeli omangalisayo. Sasindawonye eminingi, iminyaka eminingi. Uthando lwami alukaze lufe ngoMfowethu Baxter; alusoze luphele. Unebandla elihle kakhulu eCanada. Wayengeke esakwazi ukuba nami futhi, ngenxa yokufunwa yibandla lakhe.

42 Ngiyazi ukuthi kuyini lokho. Ngisho iTabernakele lami namuhla, okungukuthi isisekelo sami . . . Manje, abantu abathumela iminikelo kulenhlangano yosizo, ingabe inombolo kahulumeni iyabuyela kuwe, ukuzonikeza ukukhokhiswa intela kukho konke okuthumela kulenhlangano yosizo. Yi—yinhlangano yosizo engenzi nzuzo, ebizwa ngeBranham Tabernacle. Futhi ngiyazi, lapho, labo baphatheli bayangicindezela, "Masakhe itabernakele elikhulu, wena hlala lapha futhi uvumele abantu beze kuwe." Lokho kuzwakala kulungile, kodwa lokho akuyona intando kaNkulunkulu kimi. Kunabantu abathile abangenayo imali eyanele ukuza kimi, ngifanele ngiye kubo. Niyabo? Ngakho-ke ngi—ngiyazi ukuthi kuyini ukufakwa ingcindezi.

43 Futhi uMfowethu Baxter wakubeka kuye, ngakho-ke kwadingeka awushiye umkhankaso futhi aye ebandleni lakhe. INkosi ibusise uMfowethu Baxter. Mthathele uthando nokuzithoba kwami, kimi uqobo, kimi, uma uzokwenza, mfowethu.

44 Manje ake siphenye emBhalweni, okwemizuzu cishe engamashumi amabili elandelayo, kwelinye leZwi, okungukuthi, Alisoze lehluleka. Futhi bonke abantu abalapha, ogulayo, odingayo noma yini, vele uzivumele ungene ngqo eZwini. Bengizoshumayela kulentambama ngokuthi *NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke SaLo,* kodwa, ngithola ukuthi, abafana bakutholile lokho lapha futhi bakuthengisa phakathi kwabantu, ngendlela yencwadi. Bese kuthi-ke, ngokuba ngogedlezelayo

nje emphinjeni wami, ngithathe enye indikimba. Futhi ngicabanga ukuthi manje ngisho konke ebengifanele ngikusho. Kulungile. Ake siphenye kuJohane, uJohane oNgc., isahluko 14, okokufundwa kwethu komBhalo. Futhi lalelisisa njengoba sifunda amavesi ayisishiyagalombili okuqala kaJohane 14.

> Izinhliziyo *zenu mazingakhathazeki: kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nayimi.*
>
> *Ekhaya likaBaba kunezindlu eziningi: uma bekungenjalo, bengiyakunitshela. Ngiya* futhi *ukunilungisela indawo.*
>
> *Futhi nxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuya ngize, nginibuyisele kimi; ukuba lapho ngikhona, nibe khona nani.*
>
> *. . . lapho engiya khona niyazi, nendlela* niyayazi.
>
> *UTomase wathi kuye, Nkosi, asazi lapho uya khona; futhi singayazi kanjani indlela?*
>
> *UJesu* wathi *kuye, Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila: akekho ongeza kuBaba, ngaphandle kwami.*
>
> *Uma beningazi mina, beniyakumazi noBaba: kusukela manje niya*ngazi, *futhi ningibonile.*
>
> *UFiliphu wathi kuye, Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele;* ngamanye amazwi, kuyanelisa.

45 Manje yilokho engifuna ukukhuluma ngakho, kulentambama. Sekube ukukhala enhlizweni yomuntu, ngoba . . . selokhu saba yizidalwa ezingabantu, singathanda ukubona uNkulunkulu. Futhi ngifuna ukuthatha cishe izindlela ezine, kulentambama, ukunikhombisa uNkulunkulu. Okokuqala ngifuna ukuthatha uNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu, uNkulunkulu eZwini laKhe, uNkulunkulu eNdodaneni yaKhe, uNkulunkulu kubantu baKhe. Futhi besingathatha ezinye izindlela eziningi. Kepha ngithanda ukukhuluma ngalezo zifundo ezine, izindlela ezine ezehlukene esizobheka kuzo, ukubona uma singambona uNkulunkulu. Manje, akekho umuntu lapha ngaphandle kongathanda ukuMbona. Ubungethande ukubona uNkulunkulu na? Ngingathanda ukuMbona. Ngakhoke uma EnguNkulunkulu, esaziyo ukuthi Unguye, pho kungani singeke siMbone na?

46 UJobe ngesinye isikhathi wakusho lokho, iNcwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini, yasho okuthize kanjena, "Ukube ngangazi ukuthi Wayehlala kuphi, bengiyoya ngiyongqongqoza emnyango waKhe. Futhi ngingathanda ukukhuluma naYe." Futhi wakhuluma noNkulunkulu. UNkulunkulu wamtshela ukuba abophe izinkalo zakhe njengendoda, ngoba Wayezokhuluma naye. Futhi Yena wehla ngesivunguvungu, wase ekhuluma noJobe.

47 Kungikhumbuza nge...lapho eduze nendawo yethu. Sihlala eMfuleni i-Ohio. Futhi kwakukhona umfana omncane owayeya kuSonto Sikole othile, uSonto Sikole wamaBaptisti, ezweni lakithi, futhi wayethathekile kakhulu. Ngelinye ilanga lapho ebuza kunina, "Uma lo Muntu omkhulu kangaka obizwa ngokuthi uNkulunkulu, ukuthi siya esontweni siyokhonza, uma EnguMuntu omkhulu kangako, ngiyazibuza uma ungangivumela ukuthi ngiMbone na? Ngingathanda ukuMbona."

48 "O," kwasho umama kowakhe omncane, wathi, "awu, ndodana, kumele ubuze uthisha wakho kaSonto Sikole, umama akakwazi ukuhlinzeka leyo mpendulo."

49 Ngakho-ke kuSonto Sikole wakhuluma nothisha wakhe, wayesethi, "Ngingekwazi ukukuhlinzeza lokho, nami, ngakho-ke kungcono ukubuze umelusi."

50 Futhi emva kwentshumayelo, babuza umelusi. Futhi umelusi wathi, "Qha, ndodana." Wathi, "Akekho umuntu ongabona uNkulunkulu." Wathi, "UNkulunkulu ufana nomoya, futhi awunakuMbona." Futhi, kusobala, lokho akuzange kumanelise umfana omncane.

51 Futhi wayejwayele ukushomana nendoda endala ezansi eMfuleni i-Ohio. Futhi yayingumdobi omdala ojwayelekile, empunga entshebeni yakhe, futhi cishe amashumi ayisithupha nanhlanu, amashumi ayisikhombisa eminyaka ubudala, ehlala yedwana, ehlala esikebheni esincane. Futhi ngidobile naye, uqobo lwami, futhi besivame ukukhuphuka sizungeze iziqhingi futhi sidobe, sibeka izintambo zamajampa. Ngakho-ke lo mfana omncane wayenaye ngolunye usuku, phezulu emfuleni. Futhi endleleni ebuyela emuva, kwavela isiphepho futhi babefanele baphuthume ngokushesha osebeni, behlise isikebhe esincane, ngoba amagagasi ayemakhulu kabi futhi enamachopho amhlophe, kwacishe kwagumbuqelisa isikebhe ezincane. Ngakho-ke emva kokuba isiphepho sesidlulile, futhi beza ngemuva kwezihlahla, basunduza isikebhe esincane sasuka osebeni, baphumela emsingeni womfula, owawungaba yimayela elilodwa ngaphesheya koMfula i-Ohio lapho. Baqala phansi nomfula, bashushumbela baqhubeka, njengoba umdobi wakudala wayedonsa izigwedlo.

52 Futhi ngenkathi besengemuva kwesihlahla, umdobi omdala wayetshele umfana omncane indaba (njengoba wayembuzile) kungani wayengashadile, futhi wayengenamuntu wokumnakekela. Futhi wathi, "O, ndodana, kukhona uMuntu onginakekelayo. Futhi isizathu sokuthi angishadile, unkosikazi wami useZulwini, ungilindile." Futhi waqhubeka nendaba.

53 Futhi njengoba ephuma engenela emsingeni, babeya empumalanga ngesikebhe esincane...noma beya entshonalanga, njalo, ngesikebhe esincane, kanye nomdobi

omdala ebheke . . . ehlehlela emfuleni ngasentshonalanga, kwakuntambama, futhi—futhi ilanga lase liyoshona. Futhi, emva kwemvula, kwavela uthingo kwenkosazana.

54 Futhi, o, ngicabanga ukuthi leso yisikhathi esihle kakhulu! Lapho imvula isigeze konke ukungcola kwasuka ezihlahleni, futhi—futhi zibukeka zizinhle kakhulu, ziluhlaza, ngemibala yazo yasekuqaleni. Futhi zonke izimbali zinhle nesibhakabhaka siphansi, futhi sikhipha iphunga lembali. Kuyisikhathi nje esihle, ngemuva kwemvula.

55 Ngicabanga ukuthi ngandlela thile kuyangikhumbuza, emva kwemvuselelo, lapho uMoya oNgcwele ungene futhi wageza lonke uthuli, futhi—futhi wasenza saba mnandi futhi phambi kweNkosi. Ukuma nje eBukhoneni be . . . njengoba nginjalo kulentambama, ngigeza nje lapha eBukhoneni beNkosi uJesu. UMoya oNgcwele ususa konke ukungabaza nokwesaba nezinto kithi, nathi sima ndawonye, emva kwe—kwesihlambi esivela eZulwini sesigcwalise imiphefumulo yethu.

56 Lapho umdobi omdala eqala ukudonsa isikebhe sakhe eqhubeka, umfo omncane waqaphela ukuthi izinyembezi ziqala ukwehla ebusweni bomdobi omdala. Futhi umfana omncane waphenduka ukuze abone ukuthi wayebonani, futhi kwakukhona uthingo lwenkosazana esibhakabhakeni. Ngakho-ke umfo omncane owayehleli endaweni engemuva yesikebhe, uba nentshisekelo. Ngakho-ke wayebambelele ohlangothini lwentambo ebambe isikebhe, futhi wavuka, futhi wagijimela phezulu wangena endaweni engemuva yesikebhe futhi wawela phansi ethangeni lomdobi omdala. Futhi wathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize umama wami noma uthisha wami kaSonto Sikole, noma umelusi, abangangiphendula yona."

57 Futhi umdobi omdala wayeka ukugwedla, wayesethi, "Kuyini, mfana na?"

58 Wathi, "Ngiqaphele ukuthi ubheke lolo thingo lwenkosazana." Wathi, "Bayangitshela ukuthi uNkulunkulu ubeke lokho phezulu lapho."

Wathi, "Kuyiqiniso lokho, mfana wami."

Wathi, "Uma uNkulunkulu emkhulu kangaka, ngabe ukhona umuntu ongaMbona na?"

59 Futhi umdobi omdala wamgona umfanyana esifubeni sakhe, futhi wathi, "Izibusiso kuwe, mfana wami omncane! Ake ngikutshele okuthile. Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amahlanu edlule kube nguNkulunkulu."

60 KwakunoNkulunkulu omningi ngaphakathi, kwaze kwaba wayengaMbona ngaphandle. Manje, lokho yiyona ndlela kuphela oyoke ukwazi ngayo ukubona uNkulunkulu, ukuMngenisa ngaphakathi kuwe, uMvumele abheke ngamehlo akho, futhi Uzozibonakalisa Yena uqobo.

61 Kusobala, uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Akekho onengqondo yakhe ephusile ongacabanga. . . Yehlela lapha eLos Angeles, eMount Palomar, ndawo ndawo, bese ubheka lokho, lezozithombe abazithathile. Futhi leso sibukeli esikhulu, lapho lowo iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yesikhala sokukhanya, ungabona. Hlukanisa lokho kube ngamamayela, ubone ukuthi uzohamba uyephi. Ngani, ungagijima umugqa weyisishiyagalolunye uzungeze leli dolobha, namanje angeke ukwahlukanise kube ngamamayela. Kepha ngale kwalokho kusekhona isimo sokuhamba kwelanga nezinkanyezi, kuqhubeke ngaleya! Futhi uma umuntu ebheka lokho, yinye kuphela into ongayenza, ukuphakamisa izandla zakho futhi, "Kanjani," ucule, "Umukhulu Kangaka pho! Umukhulu Kangaka pho!" Ngamunye ephenduka ngokuphelele, baze bakutshele ukusitheka kwelanga nenyanga, eminyakeni engamashumi amabili ngaphambi kokuthi kwenzeke, kuze kube umzuzu. Kubekwe ngesikhathi ngokuphelele nguNkulunkulu!

62 Futhi-ke uma uzoqaphela nje emvelweni, ukuthi uNkulunkulu uyohambahamba kanjani phakathi komhlaba waKhe nezulu. Ukuthi umhlaba uncishiswe kanjani kancanyana nje, ukuhlanganisa umoya oshisayo nobandayo ndawonye, ukwenza imvula enisela izitshalo zakho. Ukuthi uNkulunkulu uhlala kanjani emhlabeni waKhe nezulu! Uyakukholwa lokho na? Impela, Uyakwenza.

63 Futhi esikhathini esithile esedlule ngangikhuluma nomuntu, ngendaba kaNkulunkulu. Futhi kwakusezansi, eKentucky. Futhi wathi kimi. . . Wayengu-mphikikolo. UMnu. Wood nami sasizingela izingwejeje, futhi saya lapho ukucela ukuthi singakwazi yini ukuzingela endaweni yakhe. Futhi wathi, "O, qhubekani," washo.

64 UMfowethu Wood wathi, "Yimi kanye nomelusi wami—wami, sifuna ukuzingela."

65 Wathi, "Wood, awuqondile ukuthi usuwehle kakhulu uze udingeke uthwale umshumayeli ngaso sonke isikhathi?"

66 Futhi wathi, "Qhabo, lona ngumelusi wami nje." Wathi, "Uyakuthanda ukuzingela." Futhi wathi ngi. . .

67 Futhi ngangikhempe phandle cishe kube amaviki amabili, nentshebe cishe ubude bayo obuyingxenye ye-intshi; futhi—futhi ngingcole ngendlela edlulele, kusukela ekulaleni phansi, indlela esasikhempe ngayo. Ngangiphumile, ngiphumule. Futhi leyo yindlela yami yokuphumula, ngoba ngafumana uNkulunkulu emvelweni. Lelo kwakuyiBhayibheli lami lokuqala, kwakunguNkulunkulu endalweni yaKhe, emhlabeni waKhe nezulu.

68 Futhi wathi, "Awu," wathi "kulungile ngiyaqagela, ukuzihlanganisa nabashumayeli." Wathi, "Kodwa, uyazi, nginombono wami ngalezo zinto." Wathi, "Angikholelwa

kunoma yiluphi uhlobo lwenkolo." Futhi kwakukhona enye indoda ihleli naye. Futhi—futhi saqhubeka, sikhuluma ngenkolo (abayenza) isikhashana. Futhi ngema nje lapho, ngidla i-aphula engangilicoshe emhlabathini.

69 Futhi lona, lelikhehla elalifanele ukuba ngumphikunkolo, lathi, "Ngiye ngazibuza njalo njalo. Ngingathanda ukuhlangana nomshumayeli oyedwa." Futhi lathi, "Lowo kwakunguye owayelapha lapha e-Acton, ngaleso sikhathi." Wathi, "Uyazi, udade omdala ngapha egqumeni; Angikwazi ukumbiza ngegama njemanje." Wathi, "Leyondoda yayimi lapho eMethodisti Campgrounds," ixhaswe yibandla leMethodisti. Kuyaxaka lokho, kodwa kwenzeka. Futhi sasinomkhankaso wokuphulukisa.

70 Manje, nina maMethodisti benifanele nikukholwe lokho. UJohn Wesley wakholelwa kukho. Ngokuqinisekile, wakwenza. Bonke abaguquli bokuqala babekholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu.

71 "Futhi," lathi, "emi emhlanganweni ngalobobusuku, wakhuluma nodadewabo walesisalukazi ngapha. Ukuthi umkami nami nomyeni wakhe, konke ebesingakwenza (wayesehambe kakhulu nomdlavuza, odokotela base bemdelile, emavikini angaphambili), nokumgibelisa embhedeni weziguli ngalokho kusa." Lathi, "Wayesesimeni esinjalo!" Futhi lathi, "Udadewabo wayethamele lowo mhlangano. Futhi lo mshumayeli wabiza igama lalona wesifazane, futhi wamtshela ukuthi akeze, 'ubeke iduku kulona wesifazane onomdlavuza,' udadewabo. Futhi wakwenza, ngalobobusuku. Futhi ngakusasa ekuseni, wayesedla ihemu namaqanda, futhi wapheka ophaya bama-apula othosiwe okwesidlo sasekuseni, futhi uyakudla." Lathi, "Ngifuna ukuhlangana nalowo mshumayeli ngolunye usuku." Ngavele ngama lapho.

Ngase ngithi, "Ubungamazi umshumayeli na?"

72 Lathi, "Qhabo, angimazi." NoMfowethu Wood wabheka ngale kimi, wangicifela iso.

73 Ngase ngithi, "Uqonde ukungitshela ukuthi awukholwa ukuthi kukhona uNkulunkulu na?"

Wathi, "Bengingekukholwe ngaphandle kokuthi ngikubone."

Ngathi, "Sineminyaka emingaki leso sihlahla sama-apula na?"

"O," lasho, "Ngasitshala lapho cishe eminyakeni engamashumi amane edlule."

74 Ngathi, "Kusekuqaleni kukaSeptemba kuphela, asizange sibe nesimo sezulu esibandayo futhi lutho. Ngitshele, mnumzane, yini le ekhulumayo, nokuthi buhlakani buni obukhuluma kulesosihlahla bese wenza lawomanzi esihlahla

ehlele ezimpandeni futhi azifihle ebusika na? Thela amanzi esiqwini bese ubona ukuthi azokwenza, noma uhlalise agcwele ipani kuso, bese ubona ukuthi azoshona phansi bese ezifihla emhlabathini, avike isimo sezulu esibandayo. Uma engakwenzanga lokho, isimo sezulu esibandayo besizosibulala isihlahla ngokushesha. Kepha ukuHlakanipha okuthile kugijimisa amanzi esihlahla ehlele emhlabathini, kuleso sihlahla, futhi asigcine sifudumele; kusuka emaqabungeni, okuwele emhlabathini, kusukela esihlahleni. Futhi entwasahlobo elandelayo, ngaphambi kokuthi ngisho nesimo sezulu siqale ukulinganisa, nakhu kufika amanzi esihlahla abuyela emuva, eletha kanye nawo ukuphila okusha. Ngichazele lokho. Ngitshele ukuthi yini okukwenzayo."

Wathi, "Angikaze ngicabange ngakho ngaphambilini."

75 Ngathi, "NguNkulunkulu esemhlabeni waKhe nezulu. UNkulunkulu uhambisa ngesikhathi yonke into ngokulungile nje."

Lathi, "Ungubani igama lakho na?"

Ngathi, "NginguMfowethu Branham."

76 Lathi, "Yileyondoda, igama—igama lendoda eyayikhona laphaya."

Ngathi, "Kunjalo."

77 Lathi, "Ngawo wonke lawo madevu, futhi embozwe yigazi lezingwejeje, wena na?"

Ngathi, "Lokho kuyafana nje, mina, yimi lowo muntu."

Lathi, "Wawumazi kanjani lowo wesifazane na?"

Ngathi, "Angizange ngimazi."

78 "Wazi kanjani ukuthi uzophila na?" Lathi, "Uvele nje wehla ngomgwaqo lapha, yena nomyeni wakhe, esikhashaneni esedlule, behamba."

Ngathi, "Bengingakwazi."

Lathi, "Ingabe wena umphulukisile na?"

79 Ngathi, "Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu wakukhombisa, uNkulunkulu wamphulukisa, kungumusa waKhe omangazayo!"

80 Lalidla i-apula, futhi laliluma. Labe sejikisa ikhanda lalo, lathi, "Ungaqhubeka nokuzingela izingwejeje."

81 Ngaqalaza, izinyembezi zazehla ezihlathini zalo. Ngaligaxa, ngase ngithi, "Mfowethu, uyaMkholwa, awumkholwa na?" Lanqekuzisa ikhanda lalo *kanjalo*, laphenduka laphumela ehhokweni. O, uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu!

82 Esikhathini esithile esedlule, umphiki-nkolo wanqamula izwe, eminyakeni eyedlule, amashumi amane, amashumi amahlanu, iminyaka engamashumi ayisithupha edlule, ethola

abaphendukileyo. O, wayehlakaniphe kakhulu ngobuhlakani bakhe kuze kube abashumayeli banamuhla, bekhuluma ngobuhlakani, abangakwazi ukubamba lutho kuye. Futhi wenza abaphendukile kubaphiki-nkolo. Futhi esikhathini esithize impilo yakhe iyancipha; wakhuphukela eColorado, eduze nepulazi elikhulu lapho ngangivame ukufuya futhi ngisebenza khona. Futhi wayethatha iholide ebuyela emuva lapho. Indoda engiyaziyo, nobaba wayo, yayinqamulile i—izindlela, ukubeka ikamu layo phezulu. Futhi ngolunye usuku yayibuyela emuva, futhi yama. Futhi yabheka emadwaleni, yayisithi, "Nje wavela ngaphi na? Ufike kanjani lapho na?" Nemimoya iqala ukuphephetha. Yathi, "Ngabe ngibenephutha sonke isikhathi na? Uma kukhona uNkulunkulu, Makakhulume nami!"

83 Lapho, lowomphikinkolo labo bashumayeli noma akekho owayenga—owayengambamba noma ukumelana naye, njalo, ngamazwi okuhlakanipha kwakhe, kepha babemesaba. Kodwa iBhayibheli lathi, "Uma bethula, amadwala azomemeza ngokushesha." UNkulunkulu unendlela yokwenza izinto. Amadwala amemeza! Lapho waguqa ngamadolo akhe, nobuso bakhe bubheke emhlabathini, wanikela umoya wakhe wokuba ngumphiki-nkolo kuNkulunkulu, futhi waba ngumKristu omuhle, othobekile. "Bayathula, imvelo izomemeza."

84 Mina, ngingumzingeli. Ngi—ngiyakuthanda ukuzingela, ngoba kulapho engithole khona uNkulunkulu, okokuqala, kwakusemahlathini. Ngenkathi ngiqala ukufuna ukuMkhonza, ngangingakwazi ukukhuleka. Futhi asikaze siye esontweni; abantu bakithi, ngemuva, kwakungu . . . mina, ngangingumKatolika. Abazange . . . i-Irish, ngokwemvelo, umama nobaba, bobabili; ngaphandle, umkhulu wami wayengumNdiya. Bese kuthi-ke bona . . . ngangingazi ukuthi ngikhuleke kanjani. Futhi ngangifuna ukusindiswa, futhi, uyazi ukuthi ngenzeni kuqala na? Ngahlala phansi ngase ngibhalela uNkulunkulu incwadi iletha, ngaMtshela ukuthi ngangizisola ngalokho engangikwenzile. Futhi ngangizophuma ngingene emahlathini, endleleni yezinyawo lapho ngangivame ukuba nomuzwa oxakile wangempela lapho ngangihamba ngakulezi zindawo, futhi ngangizoqhasela esihlahleni ukuze Wayengakwazi ukuyifunda lapho Edlula ngakhona. Ngoba, ngangazi ukuthi Wayehlala phandle lapho emahlathini ndawo ndawo. Ngangibone izinto eziningi kakhulu zenzeka; Ngangazi ukuthi Uhlala ndawo ndawo. Futhi ngacabanga, "Yena, ekhululeke kakhulu esonweni, Ubeyophumela endaweni eyayihlanzekile, nalapho abantu bebengekho khona." Wayengakwazi . . . NgingaMthola lapho kangcono kunami phakathi kwezindawo ezinjalo lapho abantu lapho babekonakalisile khona. Ngifundile, iBhayibheli lami lokuqala lalivela emvelweni.

85 Noma, wena—wena thatha lamadada amancane. Aqhamuka eNingizimu lapha, futhi aphume, enhla le ayongena eCanada, futhi akha isidleke zawo phezulu lapho exhaphozini. Futhi azalela amaqanda awo, futhi amadada amancane ayazalwa. Futhi, khona-ke, lokho kusentwasahlobo. Ngalowo nyaka, ayaphakama, lonke ihlobo ayondliwa. Futhi lapho kufika ubusika, okokuqala kufika umoya obandayo ovunguza unqamula izintaba, lapho kukhona isithwathwa, ushanela phansi unqamule izwe elisenkangala lapho kukhona khona amachibi, noma amagquma, futhi lowo moya obandayo uheleza ngapheseya lapho, uneqhwa phakathi kuwo; ndawo ndawo kuleso sigejane esikhulu samadada kuleli chibi, ngumholi omncane, inkunzi yedada encane. Izogijimela phandle lapho phakathi kwalelo chibi, iphakamise leso sikhalisi esincane phezulu emoyeni, bese ikhala kane noma kahlanu, lonke idada echibini lizoza kuyo. Izophakama isuka lapho. Ayikaze isuke kulelo chibi; yazalelwa lapho kuleyo ntwasahlobo. Iyophakama kulelo chibi futhi ihambe nje iqonde eLouisiana kangangengakwenza, kulawo masimu elayisi; ayikho ikombandlela nhlobo. Bakubiza ngokuthi "ukuzizwela."

86 Bengivame ukucabanga, uma uNkulunkulu enikeza ukuzibonela okwanele kwedada, okubizwa ngo "kuzizwela," ukulihola aliqhelise enkingeni, Ubefanele enzeni ebandleni elizelwe ngokusha, ligcwele uMoya oNgcwele na? Ubefanele enzeni na? Alinayo inkombandlela, kodwa lazalwa lingumholi! Amadada ayamazi umholi wawo, kodwa ibandla alimazi. UMoya oNgcwele unguMholi wethu, unguMfundisi wethu, Uzosiholela eQinisweni, ekuPhileni. Amadada ayamazi owawo, kodwa kubukeka sengathi kwesinye isikhathi asinabo ubuhlakani obunjengobedada. Ngoba, lthanda ukuqhubeka nokubhekela lokho elikuphiwe, kepha sizama ukuthola okuthize okuhlukile. Lobo ngubuhlakani, uphuma emhlabeni nezulu okukhulu kukaNkulunkulu.

87 Ngizonitshela ukuthi yini eningayenza, abanye benu bantu ophuma emazweni abandayo. Buka leyo ngulube endala yensikazi idlula ihamba isuka ohlangothini olusenyakatho lwegquma, futhi ilethele onke lawo makhoba nezikhwebu ngasohlangothini oluseningizimu lwegquma, bese ilungiselela umbhede wayo. Futhi ngalobo busuku ulalele izindaba, futhi izindaba zizothi, "Kusasa, kuzoba nesimo sezulu esihle," ungakunaki nakancane lokho akushoyo. Leyo ngulube endala yensikazi yazi ngaphezulu ngesimo sezulu kunolokho ayoke akwazi. Kunjalo impela. Iye ohlangothi lwaseningizimu lapho kuzofudumala khona.

88 Hamba uyozingela onogwaja bese ubona labonogwaja behleli emuva ngaphansi kwehlashana, *kanjena*, qaphela isimo sezulu esibandayo! Futhi uma ubabona bengena ensimini yommbila, lilungiselela ukuna.

89 Bhekisisani nje uNkulunkulu, Uyahamba, o, Muhle kanjani! Uma uzovele nje uvule amehlo akho, ungaMbona ekuzungezile nxazonke. Usemhlabeni nezulu waKhe, yonke indawo, ehambahamba. Mbhekeni ekusheneni kwelanga. Mbhekeni ekuphumeni kwelanga. Mbhekeni othingweni lwenkosazane. Mbhekeni yonke indawo. UngaMbona, Akakude nawe kunengalo yakho yangakwesokudla injalo. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu.

90 Eminyakeni ethile eyedlule, ngangizingela inyamazane i-elki, phezulu eColorado lapho engangivame khona ukuzingela kancane impela. Futhi phezulu ezintabeni lapho, kwakusesekuseni ekwindla, neqhwa lalingakajuli ngokwanele ukukhipha inyamazane i-elki phezulu emithini yokwenza amapulangwe, yehlele esigodini. Ngakho-ke uJeff nami, umfuyi omkhulu, sasine. . . Ngamsiza ukufuya lapho iminyaka, futhi ngisabasiza ukuqoqa imfuyo. Futhi sagibela sanyuka, ukuyozingela, futhi wayeyohamba asuke kimi izinsuku ezintathu noma ezine. Wabuyela emuva phezulu kwegatsha lasentshonalanga laseToublesome River, futhi ngangizingela egatsheni lasempumalanga. Futhi uma sithole inyamazane i-elki, sasizilengisa, futhi sazi ukuthi siwaletha kuphi amahhashi okuthwala, futhi sasigibele nje ihhashi lethu eligitshelwayo.

91 Futhi ngolunye usuku ngangisenhla phezulu, ngaba kude kakhulu nehhashi lami eligitshelwayo, phezulu ngasonqenqemeni. Futhi lokho kuba leyithi ekwindla, kuzoba, into yokuqala uyazi, ilanga lizobe likhanya, khona-ke lizokuna, khona-ke lizokusa, khona-ke lizokhithika. Futhi, isimo sezulu nje esiguqukayo. Futhi ngangizingela, phezulu. Kwakukade komile impela, futhi ngezwa ukuqhuma kombani; futhi ngabheka, kuza ngaphesheya kwezintaba, futhi imvula yayiza. Ngakho-ke, ngavele nje ngangena ngemuva kwesihlahla futhi ngama lapho isikhashana kwaze kwaphela isiphepho. Kwavunguza imimoya yasonteka, futhi kwazungeza, futhi ngema ngemuva kwezihlahla kwaze kwaphela. Ngemuva kokuthi sekuphelile . . .

92 Bengilokhu ngimi lapho, ngicabanga ngoNkulunkulu. Sekube nje seminyakeni embalwa edlule, ngangibambe lemikhankaso. Futhi ngacabanga, "UNkulunkulu mkhulu kanjani, futhi umangalisa kanjani!" Ngathi, "Kungase ukube ngazalelwa lendawo, ngaphandle emahlathini, ngingedwa zwi, kude nabantu nezixuku, nabagulayo nabahluphekileyo, nakho konke, kukhala izingcingo, futhi kuza ama-ambulensi." Ngacabanga, "Kumnandi futhi kunokuthula kanjani! Nkosi, ake ngihlale lapha. Futhi ngi—ngazalelwa lokhu, lokhu kuyimvelo yami, lapha kula engingowakhona. Lapha ila Uhlala khona." Futhi ngacabanga, "Awu, uma ngingayitholi kulena, ngizoba nayo eminyakeni eyiNkulungwane, ngakho-ke ngizolindela nje lesosikhathi."

93 Kuthe lapho isiphepho sinqamuka, ngathi ukuhamba ngaphuma ngemuva isihlahleni. Futhi, emuva le ngasohlangothini lwentaba, ngezwa endala i-nkunzi ye-elki iqala uku—ukukhala. Futhi yayibiza wonke umhlambi; zahlakazeka, ngesikhathi sesiphepho. Futhi yaqala ukubiza umata. Bese kuthi-ke njengoba uDavide asho emiBhalweni, "Lapho utwa lubizana noTwa"! Uma kukhona utwa, lubiza, kufanele kube noTwa oluzosabela kulo, ndawondawo.

94 Bese kuthi-ke leyomvelo iqala ukuvuka kimi. "Nansi indawo yami yokuhlala. O, lowo ngumculo!" Emuva le ngalapha, impisi endala empunga impongoloza, futhi umata wayiphendula, ezansi phansi. O, he! Lokho yilapho utwa lubizana noTwa ngempela; ukuzwa lokho kubiza kwempisi, ezinye izilwane zasendle ziyakhala, izinyoni ziyakhala. Kimina, nguNkulunkulu! Ngiyamuzwa Yena phakathi kwesilwane saKhe esikhulu nezilwane zaKhe.

95 Umoya uyavunguza, kwenzeka ukuthi ngibuke emuva ngapha lapho u. . . ukuvunguza, kubanda ngokwanele ukwenza iqhwa amanzi ezihlahleni ezihlala ziluhlaza. Ilanga liyaphuma, ngaleya liyongena entshonalanga, nga*le*ndlela, futhi lalibukeka njengeso libuka lapho, njengoNkulunkulu, ekushoneni kwelanga. Futhi ngaqaphela ukuthi kwabangela uthingo lwenkosazana ngapheseya komgede. Futhi ngaqala ukucabanga, "NaNguya othingweni lwenkosazana. NaNguya ngaleya, ekubizeni kwaleyonyamazane i-elki. NaNguya ngaleya empisini, ememeza. Nangu Usezihlahleni. Ngiyalizwa iphimbo laKhe linyenyeza. Nanguya lapho othingweni lwenkosazana."

96 Ngokuba, "Wayebukeka njengetshe leJaspi neSardiyu, elinothingo lwenkosazana phezu kwekhanda laKhe; U-Alfa, u-Omega, isiqalo nesiphetho; Lowo Owayekhona, Okhona, noZaKuza; iMpande neNzalo kaDavide." Futhi enothingo lwenkosazana, imibala eyisikhombisa, ukuphelela. UNkulunkulu upheleliswe ezikhombiseni. Futhi lapho Wayekhona futhi njengothingo lwenkosazana, njengesivumelwano.

97 Yonke indawo obuka kuyo, ungaMbona uNkulunkulu, uma uzobuka nje emvelweni yaKhe. Futhi ngenkathi ngithola konke kugcwele phama . . . Ngizonitshela okuthize, lapho-ke nizokwazi ukuthi ngi—ngingumBaptisti wangempela. Ngenkathi ngisabuka lokho, ngagcwala kakhulu uMoya oNgcwele ngaze ngamisa isibhamu sami sancika esihlahleni esihlahleni futhi ngagijima ngajikeleza isihlahla kakhulu ngangengingakwenza, ngikhahlela unyawo olulodwa phezulu emoyeni, futhi ngimemeza ngalo lonke izwi mami, ngimpongoloza, "Haleluya! Haleluya! Haleluya! Haleluya," nje ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza, ngaze ngacishe ngawa phansi; ngase ngima ngadlikiza izandla zami phansi naphezulu, futhi lapho ngimpongoloza, "Udumo! Udumo! Udumo! Udumo! Udumo!

Haleluya! Haleluya! Haleluya! Haleluya," ngigijima ngakho konke okusemadleni ami. Angikwazanga ukucabanga enye into engingayisho. Inhliziyo yami yayiphuphuma.

98 Kwakuyini na? Utwa lubizana noTwa! Ngezwa uNkulunkulu ngaleya ngendlela yokuthi mhlawumbe ubungeke uMuzwe. Kepha, kimina, Wayesemhlabeni waKhe nezulu, ephendula, "NginguNkulunkulu wendalo. Ngenze zonke izinto ngesadla saMi uQobo."

99 Yebo, uma umuntu engena ehlathini, bebeyocabanga ukuthi bebenohlanya emahlathini. Ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza lesosihlahla ngasuka ngahamba, nginesikhathi esimangalisayo nje! Nganginga . . . noma ngubani, ngangingenandaba ukuthi bazwile, noma qha. Ngangingamamayela angamashumi amahlanu, amamayela angamashumi amathathu, empeleni, ukusuka kunoma ngubani, ngokwazi kwami. Kepha ngizungeza futhi ngizungeza isihlahla ngahamba, ngimemeza.

100 Ngoba yini na? Ngangisendlini yesonto enkulu kaNkulunkulu. NganngingaMbona yonke indawo, ilanga, imicu ingena emahlathini, uthingo lenkosazana ngaleya, impisi impongoloza, inyamazane i-elki imemeza. NgangingaMuzwa emimoyeni. O, he, Ukuyo yonke indawo! Uphakeme kakhulu, ungabona lapho iqhwa lisesiqongweni sezintaba, futhi isithunzi sehla sisithibeza isihlahla esihlala siluhlaza. O, buka nje noma yikuphi, uzoMbona. Usemhlabeni waKhe nezulu. Uyakukholwa lokho na? Ngama lapho kancanyana.

101 Futhi emva kwesikhashana ngezwa okuthile kuhamba, "Tshweke, tshweke, tshweke, tshweke! Tshweke, tshweke, tshweke!"

Ngacabanga, "Yini leyo na?"

102 Ngaqalaza. Kwakukhona lapho endala eguqe phansi lapho i—isiphepho sangaphambili sasiphephule ezinye izihlahla, futhi kwakukhona ingwejeje encane yeshoba. Angazi noma ngabe niyazi ukuthi ziyini, noma qha. Bangaki abaziyo ukuthi iyini ingwejeje yeshoba na? Ingumfo omncane onomsindo kunabo bonke ezweni. Futhi yagxumela phezulu esiqwini sesihlahla esidala lapho. Futhi yayenza nje sengathi ibisazo . . . ibizongiklebhula ngibe izingcezu, nje, "Tshweke, tshweke, tshweke tshweke!" Yayigxuma phansi naphezulu, inyakaza yonke indawo, kakhulu ngangeyayingakwenza. O, yayizongisika ingiqede nya.

103 Awu, ngacabanga, "Mfo omncane, asikho isidingo sokuthi uthole konke lokho kuxhuxhuma. Ngeke wenze lutho. Futhi mina, ngenzeni, yini, ngabe ngikwethusile na?" Ngacabanga, "Awu, bewu ngafanele wesabe ngalokho. Bengikade ngidumisa uNkulunkulu kuphela osenze sobabili." Niyabo? "Asikho isidingo sokuthi udabukwe wonke. BengiMdumisa, ngakho-

ke ungaxhuxhuma wonke nje kanjalo. Awu, bengidumisa uNkulunkulu nje, bekufanele ngabe wazi kangcono kunokuba ungimpongolozele kanjalo. Ungangiphazamisi uma ngimemeza kanjalo, ngoba ngiba nesikhathi esimnandi. Ngishiye phansi." Niyabo?

104 Ngakho-ke kwenzeka ukuthi ngiqaphele ukuthi umfo omncane wayecuphisa ikhanda lakhe elincane emaceleni, bese ebheka phansi kulelohlashana. Awu, ngathola ukuthi wayengakhonkothi mina. Ngaphandle kwalelohlashana, kulesosiphepho, kwakukade kukhona ukhozi olukhulu olwaluphoqelelwe phansi. Futhi lafahlazeka phansi langena kulokho, lasakazeka phansi kulokho kuqhuma phansi. Nomfo omkhulu, yilokho ingwejeje yephayini encane yayixhuxhume kakhulu ngakho. Futhi wagxumela phezulu egatsheni.

105 Ngacabanga, "Manje, awume umzuzu lapha, kukhona okuthize ndawo ndawo. Ngoba, bengikhonza uNkulunkulu, ngigijima ngijikeleza futhi ngijikeleza lesisihlahla lapha. Futhi ngiyaMbona kuzo zonke lezi zinto zaKhe ezehlukahlukene, nalemvelo. Manje, kungani Ezongiphazamisa ngento enjengaleyo na?" Manje, nanto ukhozi oludala. Ngiyalwazisa ukhozi. Kepha ngalubuka, futhi ngacabanga, "Awu, yini. . . Ngingambona uNkulunkulu kulo na? Manje kungaba yini leyo na?"

106 Ngalubuka. Awalo amakhulu, amehlo amakhulu ampunga abhekile, futhi lwama lapho kulelogatsha, lungibuka. Futhi labheka lengwejeje, lase-ke lungibuka; lase lubuka ingwejeje, lubuka. Ngathi, "Ngicabanga ukuthi uyasibhekisisa." Ngakho-ke ngacabanga, "Uyazi ukuthini? Ngingakudubula, uma bengifuna." Futhi ngalubheka. Futhi isibhamu sami esikhulu sasihlezi sencike isihlahla. Ngathi, "Ubuwazi ukuthi bengingakudubula uma bengifuna na?" Alukunakanga nhlobo nakancane, luzihlalele nje lapho.

107 Ngacabanga, "O, yilokho uNkulunkulu afuna ngikubone, 'Ungesabi.'" Lolo khozi lunesibindi, alwesabi lutho. Belungeke lube namahloni ukutshela umphathi walo ukuthi lwaluphulukiswe ngokuphulukiswa kukaNkulunkulu. Angeke kulukhathaze. Lu—lunamandla. Belungeke lwesabe ukufakaza uma belwemukele uMoya oNgcwele. Ukube Ubungowalo, beluyofakazela impela ngaWo; ngoba lunesibindi, akukho lutho oluhlazisayo ngalo.

108 "Awu," ngicabange ukuthi, "yini onesibindi esingaka ngayo na? Yini ekwenza ube nesibindi na?" Ngaqala ukuqaphela ngaleso sikhathi, lwalulokhu luzwa lawomaphiko. Uyazi ukuthi zizihambisa kanjani izimphiko zazo emuva naphambili, niyazi, zidonsa amaphiko azo. Ngacabanga, "O, ngiyabona. E-hhe. UNkulunkulu ukunike amaphiko amabili. Futhi wazi kahle kakhulu ukuthi ungawathatha lawo maphiko amabili

amakhulu futhi ungene kuleyo mithi yokwenza amapulangwe ngingakafiki kuleso sibhamu esikhulu." Lwaluzethemba kulokho . . . uNkulunkulu walunika lawomaphiko, futhi luyazi ukuthi lawomaphiko ayolwenzelani.

109 Kuhluke kakhulu kangakanani esidalweni esingumuntu! UNkulunkulu wasinikeza uMoya oNgcwele, futhi namanje asikazi ukuthi Uzosenzelani. Kunjalo! Akunamkhawulo, Ayokwenza. "Noma yini oyifisayo, lapho ukhuleka, ukholwe ukuthi uyakuthola, futhi uyakubanakho." Lolo khozi lwalungathembela ezimpikweni zalo elizinikwe nguNkulunkulu. Uyazi ukuthi kungani na? Ngiyacabanga, izikhathi eziningi, ukhozi lalikuzamile. Lwalazi ukuthi lwalukhuluma ngani. Futhi sinoMoya oNgcwele futhi awuzange uWuzame. Yilapho nje okukhona. Niyabo, ukube besingavumela imvelo isebenze kithi njengoba kwenza izilwane! Impela, luyazi ukuthi lubambelale kuphi, nokuthi lungabambeleli kuphi.

110 Ngakho-ke li—lalilazi ibanga ukusuka lapho ngangimi khona, ukusuka esibhamini sami esikhulu, lalingaba kuleyomithi yokwenza amapulangwe futhi ngangingasoze ngalubona, ngakho-ke lwalulokhu lunyakazisa lawomaphiko amakhulu. Futhi ngalubheka, ngathi, "Mfana omdala, angeke ngakudubula. Ngiyaziqhenya ngawe!" Ngithanda ukubona okuthile okutholile ukuthwansulwa, into ethile ezosukuma lapho bazi ukuthi benzani. Awuthandi ukukubona lokho na?

111 Yingalesosizathu ngilithanda ibandla lePentecostal. Angikhathali ukuthi izwe lithini, libabize "ngabagingqiki angcwele," yonke enye into, bama bathi phuhle bese bememeza ngokufanayo nje, badumise iNkosi, baqhubeke ngqo. Ngiyakuthanda lokho. Impela, sukuma ubhekane nakho ngqo. Akwenzi mehluko ukuthi ngubani, hlala lapho futhi unikeze ubufakazi bakho, nikeza uNkulunkulu udumo.

112 Ngalubhekisisa lolukhozi oludala ngenkathi lusazulazula lapho, uyazi, kancanyana. Futhi kwenzeka ukuthi ngiqaphele, lwalungangibheki kakhulu kangako, lwalukhathala ukulalela leyongwejeje iluthuka, "Tshweke, tshweke, tshweke! Tshweke, tshweke, tshweke!" A, lwavele lwayibuka. Futhi emva kwesikhashana lwayicasukela, ngakho-ke, ukuphela kwento oluyenzile kwaba ukugxuma okukhulu kakhulu *kanjalo*, futhi lwabhakuzisa amaphiko alo cishe kabili, futhi lwase lungaphezu kwemithi yokwenza amapulangwe. Ngemuva kwalokho aluphindanga lawashaya kanye futhi, lwavele lwalula amaphiko alo. Futhi njalo lapho umoya uphakama, lwaluphakama nawo. Futhi ngama lapho futhi ngalubuka. Ngasosonke isikhathi lapho umoya uluphuthumisa, lwaluya phezulu kancane; akuzange lunyakaze iziphaphe, lukhuphuka nje, phezulu, phezulu, phezulu, luze lube yichashaza elincane.

113 Ngama lapho, nezinyembezi zaqala ukwehla ezihlathini zami. Ngathi, "O Nkulunkulu, lena indawo enhle ukuba kuyo. Nakhu lapho engithanda ukuba khona. Lapho Ukulolokhozi."

114 Niyabo, lwenza nje ukugxuma okukodwa okukhulu, futhi lwethembela emaphikweni alo. Aluzange lubhakuzise lusuka komunye umhlangano luye komunye, bese lusuka kwelinye ibandla luye kwelinye. Lwavele nje lwenza ukubhakuzisa okukodwa okukhulu, lwase-ke luhlela amaphiko alo eMandleni kaNkulunkulu, lwavumela uMoya oNgcwele, futhi waluthwala lwahamba, lwaqhubeka njalo, futhi lwaqhubeka njalo. Lwasuka kulengwejeje endadlana yasemhlabeni lapha, eboshelwe emhlabeni; ayinamaphiko, futhi ayazi ukuthi kundizwa kanjani. "Tshweke, tshweke! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa uMoya oNgcwele, lokho kungokolunye usuku oselwedlule." O, vele nje ubeke amaphiko akho eMandleni kaNkulunkulu, vumela uMoya oNgcwele akuphakamise ngaphezu kwakho, uqhubeke njalo njalo. Lwalungasayizwa ngisho nengwejeje endala, ingwejeje yaphansi, noma yini ofuna ukuyibiza ngakho. Lwakhathala yilowo "tshweke, tshweke." O, uma ibandla, olunye lwalezizinsuku, bazokhathala yilokho, futhi bazokwazi ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko abo; futhi bayothatha uhambo noNkulunkulu, bese beya eKhaya, baphume kukho. "Izinsuku zezimangaliso selwedlule"? Ngitshele ukuthi nini. Ufike sesedlule kakhulu isikhathi ukusitshela lokho, akunjalo na? "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa uMoya oNgcwele. Ukukhuluma ngezilimi kungukuzenzisa nje," yilokho kuphela abakwaziyo ngakho. Ngakho-ke, into okufanele uyenze ukuhlela amaphiko akho.

115 Alubhakuzanga, manje, lusuka endaweni luya endaweni. "Ngizowela bese ngibona uma *lokhu*, futhi ngizowela bese ngibuka uma *lokho*." Lwalazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo. Futhi yilokho kuphela okumele ukwazi ukuthi kwenziwa kanjani ngokuPhulukiswa kukaNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele, ukwazi nje ukuthi ukuhlela kanjani ukukholwa kwakho emandleni nasezithembisweni zikaNkulunkulu. Uzokuthwala ukhuphuke ngqo. Wena qhubekela phezulu nje. Njalo uma uphephetha ungene, sizokhuphukela phezulu naphezulu, naphezulu naphezulu; uze ungakwazi ukuzwa lokhu lapha, "Tshweke, tshweke, tshweke! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Isigejane sabaginqiki abangcwele." Angeke ukunake ngisho nokukunaka. Uzoba kude kakhulu ngaleya kwabo uze ungabibikho ebangeni lokuzwa okwabo. Umphefumulo wakho uzophakanyiselwa endawaneni lapho . . .

116 O, impela, uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Uyakukholwa lokho, angithi? O, singachitha amahora kuleyonto eyodwa nje. Sifanele sigxumele kokunye. Uyakholelwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? Manje,

okulandelayo, uNkulunkulu useZwini laKhe. Manje bheka nxazonke emhlabeni nezulu futhi uzobona uNkulunkulu. Impela, uzobona. Manje uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu.

117 Manje, uNkulunkulu useZwini laKhe. UNkulunkulu ugcina iZwi laKhe. Yilokho okwenza iBhayibheli libe elangempela. Yilokho esingakuphonsela inselele noma yimuphi umuntu ongakholelwa ebukhoneni bukaNkulunkulu, noma yimuphi ongakholwa, noma imuphi okaMohamede, noma yimuphi uBuddha, noma yiyiphi inyanga-mthakathi, noma abakhoza imimoya yabangasekho, noma yini enye, eGameni leNkosi uJesu, futhi wenze leliZwi liphile, ngoba uNkulunkulu useZwini laKhe.

118 Ngangixoxisana, ngelinye ilanga, ne—nehlelo elithile lebandla elikholwa ukuthi—ukuthi ibandla liyimpendulo, hhayi iZwi. Bathi baloba iBhayibheli. IBhayibheli lali... lalingumlando webandla labo. Futhi wathi, "UNkulunkulu usebandleni laKhe."

Ngathi, "IBhayibheli lathi, 'uNkulunkulu useZwini laKhe.'"

119 "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, futhi uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu." Kunjalo. WayeyiZwi likaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe. Futhi uNkulunkulu useZwini laKhe. Zonke izithembiso uNkulunkulu azenzayo, Uma nesithembiso saKhe. Ukuphela kwento okufanele siyenze, ukuthi, sithathe iZwi laKhe lingene enhliziywени yethu, futhi singaLingabazi, kodwa silikholwe, khona-ke uNkulunkulu wenza leloZwi (okunguYe uqobo ngaphakathi kwakho) hamba uye emsebenzini bese ufeza yona kanye into Ayethembisa.

120 Ngabe Wakwenza ku-Abrahama na? Ngani, u-Abrahama, endodeni eneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, ngaphambi ngisho, noma, iminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, ngaphambi kokuba amukele isithembiso. Futhi walithatha leloZwi walifaka enhliziyweni yakhe futhi waLigcina lapho iminyaka engamashumi amabili nanhlanu. Kepha laveza ncamashi lokho isethembiso esasiyikho. Ngabe kunjalo na?

121 UNkulunkulu useZwini laKhe. Sonke siyakwazi lokho. Akukho ngisho ichashaza elilodwa leBhayibheli eliziphikisayo Lona uqobo. Nginganika noma ubani noma yini abayifunayo; Ngizoshumayela iVangeli futhi ngithathe iminikelo yothando unyaka, futhi nginikele ngawo, konke okuncinyane, kumuntu ongathatha iZwi likaNkulunkulu aLiphikise ngeZwi likaNkulunkulu, kimi. Kunjalo. Akukho lapho. Futhi ngike ngaba naleyonselele iminyaka ngeminyaka; Ngisathatha umnikelo wami wothando. Isizathu, akukho lapho. Ungahle

uxakeke kakhulu kubuhlakani bakho, ngoba iBhayibheli li. . . UJesu wabonga uYise waKhe ngoku "kuKufihla emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, waKwambulela izingane zona eziyofunda." Niyabo, YiZwi likaNkulunkulu.

IZwi linjengeMbewu.

122 Manje, thatha imbewu. Nina bantu lapha eWest Coast, ningabalimi abakhulu. Manje, thatha isihlahla sakho samawolintshi. Manje, thatha isihlahla sakho samawolintshi, lapho uqala ukusithola, siyimbewu. Uyifaka emhlabathi, futhi leyombewu izokhiqiza isihlahla samawolintshi. Impela. Manje yileyondlela okungayo. Manje, lesi sihlahla samawolintshi, ukuphela kwento oyenzayo ngalokho, uma sesithi asibe side njenge. . .iyintshi elilodwa ukuphakama. Angazi ukuthi singakanani isilinganiso samawolintshi isihlahla esingawakhiqiza empilweni yaso yonke. Ake sithi, okwesibonelo, isilinganiso esingamakhulu amahlanu. Manje, lokho kungaba ngaphezulu noma ngaphansi, angazi; kodwa ake sithi isilinganiso esingamakhulu amahlanu. Ubuwazi ukuthi lonke iwolintshi eliyoke libe kuleso sihlahla likuso uma sesicishe nje sibe iyintshi elilodwa ubude na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngabe ubukwazi lokho na? Impela, kunjalo. Kuphi na? Livela embewini. Manje, ukuphela kwento okuyiyo, sitshaliwe nje, sabekwa obala.

123 Futhi sifanele sidonse, simunca amanzi emhlabathini, ukuze sithole ukondleka. Futhi simunca amanzi emhlabathini, futhi sifanele siphuze ngaphezu kwesabelo saso. Futhi ngaso sonke isikhathi. . .ngoba, sifanele sifuqele ngaphandle. Futhi lapho siphuza emanzini, sifuqa kuphume amagatsha; siphuza amanzi amaningi, sifuqa kuphume amaqabunga; siphuza emanzini amaningi, sifuqa kuphume izimbali; siphuze emanzini amaningi, sifuqa kuphume amawolintshi. Siqhubeka nje nokuphuza, futhi sifuqe sikhiphe. Kepha, sifanele siphuze.

124 Yileyondlela ikholwa elingayo, lihlezi phakathi nendawo ngqo neZwi zikaNkulunkulu. Amen! Futhi uma linesidingo sanoma yini, livele liphuze nje, bese sifuqa kuphume; liyaphuza, bese sifuqa kuphume. Uma umuntu egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, konke azoke akusebenzise ohambweni lwempilo yakhe kukuye khona lapho. Yebo, mnumzane. Ukuphela kwento esifanele siyenze ukuphuza nokuphuza, nokuphuza nokuphuza, futhi uphuze size sikuthole. Sitshalwe kuKristu Jesu! Futhi ekuhumusheni kwami ngaYe, UnguMthombo ongapheli wokuPhila. Yilokho kanye engicabanga ukuthi Uyikho. Futhi lapho sitshalwe ngaphakathi kuYe, Akapheli! Singadonsa kuYe, ukubuvi, ubumnene, ububele, ukubekezela, amandla, ukuphilisa, [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . . thembisa ukuthi Uyakunikeza, ngoba sitshalwe eMbewini yeZwi laKhe. Futhi Lizokhiqiza khona kanye uNkulunkulu athi Liyokukhiqiza. YiMbewu, iZwi.

125 UNkulunkulu useZwini laKhe. Siyakukholwa lokho, asikukholwa na? Sonke siyakholwa. Uyabona uNkulunkulu uyaphendula. Eminyakeni edlule, ngenkathi Ebatshela ukuthi bakhuphuke, iPentekoste, babezokwamukela uMoya oNgcwele. Iminyaka ngaphambi kwalokho, ku-Isaya, Wathi, "Umyalo ufanele ube phezu komyalo, umudwa phezu komudwa, lapha ingcosana nalapho ingcosana. Bambelela kulokho okuhle. Ngezindebe ezingingizayo nangolunye ulwimi Ngizokhuluma kulaba bantu, futhi yilokhu ukuPhumula." Uyabo, Wakusho ngaphambili, kwase kuthi iZwi laKhe leza ngapha futhi labonakaliswa. Konke, uMesiya othenjisiwe, kusukela ensimini yase-Edene, "iNzalo ifanele ichoboze ikhanda lenyoka," kanjalonjalo, kwafezeka. UNkulunkulu useZwini laKhe.

126 Manje, uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu, yithi "amen" uma ukukholwa.

[Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu useZwini laKhe. UNiyakukholwa, thanini "amen." ["Amen"]

127 Manje, uNkulunkulu eNdodaneni yaKhe. Manje, uNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe. "UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo," yilokho umBhalo okushoyo. Yena, uNkulunkulu uzokwehla, futhi aphile emzimbeni, owazalwa intombi uMariya, noNkulunkulu Wazibonakalisa Yena uqobo ngoKristu; ukukhombisa lokho izingxenye zaKhe—zaKhe ezingahlukaniseki ezaziyikho, ukukhombisa lokho Ayekuthanda, ukukhombisa ukuthi ukubekezela kwaKhe, ukukhombisa amandla aKhe, ukukhombisa nokuZibonakalisa. UNkulunkulu waphila kuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

128 Ngakhuluma nowesifazane, lapha esikhathini esithile esedlule, noma wabiza ukunaka kwami. Wathi, "Melusi Branham," wathi, "ngiyazithakasela izintshumayelo zakho. Mina, ngi . . . ngethamela imihlangano yakho." Kodwa wayengowelinye ibandla lehlelo elingakholwa ukuthi uJesu wayengonobuNkulunkulu. Futhi wathi, "Awu, Wayengenabo ubuNkulunkulu." Ngase ngithi . . . Wathi, "Uzama ukumenza abe ngonobuNkulunkulu kakhulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu."

129 "O," wathi, "mnumzane, ngizokuvuma ukuthi Wayeyindoda elungile." Nami angafuni ukulimaza imizwa yakho; abanye babo bangabangane bami abayigugu. YiChristian Science. Futhi wathi, "Yena, Wayengesiye ongonobuNkulunkulu." Wathi, "Ngizovuma ukuthi Wayengumprofethi, kodwa Wayengesiye ongonobuNkulunkulu. Futhi wena uzama ukuMenza abe ngonobuNkulunkulu."

130 Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu noma umdukisi omkhulu kunabo bonke umhlaba owake wabanabo." Kunjalo. Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu. Wayengaphezu

komprofethi. WayenguNkulunkulu phezu kwabaprofethi! Impela, Wayenguye." Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu."

131 Wayesethi, "Manje, wena uthe ubu 'ngoqavile,' futhi ubukholwa umBhalo."

Ngathi, "Ngiyakholwa."

132 Wayesethi, "Uma ngifakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho uqobo, ukuthi Wayengesuye ongonobuNkulunkulu, uzofakaza ukuthi ngiqinisile na?"

133 Ngathi, "Yebo, mnumzane. Uma iBhayibheli lathi Wayengesuye ongonobuNkulunkulu, khona-ke ngizokholwa iBhayibheli." Ngase ngithi, "Kodwa ngifanele ngiwubone umBhalo."

134 Wathi, "KuJohane, ngale kuJohane oNgc., Lathi, 'Ngenkathi uJesu ehlela ethuneni likaLazaru, Wakhala izinyembezi.'" Futhi wathi, "Uyazi, uma WayengonobuNkulunkulu, Wayengeke akhale izinyembezi."

Ngathi, "Dade, kulapho osekele khona umcabango wakho na?"

135 Wathi, "Yebo, mnumzane. Futhi lokho yiqiniso. Waya ethuneni likaLazaru, Wakhala izinyembezi; lokho kukhombisile ukuthi Wayengesiye ongonobuNkulunkulu."

136 Ngathi, "Impikiswano yakho izace ukwedlula isobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala." Ngathi, "Awu, wazi kangcono kunalokho."

137 Futhi wathi, "O, Waye—Waye—Wayengumprofethi, Wayeyi ndoda elungile."

138 Ngathi, "Wayengaphezu kokuthi . . . uNkulunkulu wayekuYe. Wayengumuntu, kodwa Wayengu—uMuntu okabili. Okokuqala, Wayengumuntu; uMoya okuYe wawunguNkulunkulu!" Ngathi, "UNkulunkulu wayekuKristu."

Wathi, "A! Qhabo!"

139 Ngathi, "Buka, nenekazi, ngizothatha umBhalo wakho uqobo. Wayengumuntu, kodwa Wayengumuntu onguNkulunkulu. Lapho Ehlela ezansi ethuneni likaLazaru, Wakhala izinyembezi njengomuntu. Yiqiniso lelo. Kodwa ngenkathi Esemi lapho, waqondisa amahlombe aKhe amancane aqothile aphakama, futhi wathi, 'Lazaru, phuma,' futhi umuntu ofile, owayesefe izinsuku ezine, wavuka, lokho kwakungaphezu komuntu. Umuntu wayengekwenze lokho. Lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe."

140 Wayengumuntu ngenkathi Ehla entabeni, elambile, efuna okuthize angakudla, ebheke ngqo esihlahleni ukuze athole okudliwayo. Wayengumuntu ngenkathi elambile. Kodwa lapho Ethatha izinhlanzi ezimbili namabhisikidi amahlanu futhi

wondla izinkulungwane ezinhlanu lokho kwakungaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe. Impela kwakunguye!

141 Wayengumuntu ngenkathi Elele phandle lapho kulesosikebhe ngalobobusuku, amandla ayephumile kuYe, waze Waba buthakathaka kakhulu Wayengakwazi . . . amagagasi awazange amvuse nokumvusa, wazanyazanyiswa kuleso sikebhe esidala, njengesivalo sebhodlela lapho olwandle olunamandla. Odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle bafunga ukuthi bazoMminzisa ngalobo busuku Esalele. Wayengumuntu ngenkathi Elele futhi ekhathele. Kodwa ngenkathi Ebeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yesikebhe, wabheka phezulu wabe esethi, "Thula, uthi du," futhi imimoya namagagasi kwaMlalela, lokho kwakungaphezu komuntu. UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe! Impela!

142 Wayengumuntu ngenkathi Efa lapho esiphambanweni, ekhalela isihe. Wayengumuntu ngenkathi Efa. Wakhala njengomuntu, Waba nezinhlungu njengomuntu. Kodwa ekuseni kwePhasika lapho Egqabula i . . . ukufa, isihogo, nezimpawu zasethuneni, futhi wavuka futhi; Ungaphezu komuntu, Wafakazela ukuthi WayenguNkulunkulu!

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
Evuka, Walungisisa ngesihle njalo njalo;
Ngolunye usuku Uyeza, o, usuku oluhle kangakaka!

143 UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe, ebuyisana nomhlaba kuYe uqobo. Ingabe uyakukholwa lokho na? Impela. UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe. Ngokushesha, isikhathi sethu siyabaleka. Enye into. Si . . . Uyakholelwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? UNkulunkulu useZwini laKhe na? UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe na?

144 Manje, uNkulunkulu ukubantu baKhe. Kulungile. Sizobona ukuthi Uyeza yini ehlele esidalweni esingumuntu ngokufanayo nje njengoba Enza emvelweni. Izidalwa ezingabantu ziyingxenye yemvelo yaKhe. Impela, bayiyo. Manje qaphelani, uNkulunkulu wayekubantu baKhe.

145 Kwakungubani ngobunye ubusuku endikimbeni yethu, ku-Elija, ngenkathi usana oluncane lwalubulawe yisifo sonhlangothi welanga, futhi labekwa amahora namahora embhedeni womprofethi, lapho umuntu, obizwa ngo "Eliya," ehamba eya emuva naphambi, ehla enyuka kwiphansi lendlu, futhi wabeka umzimba wakhe kuleyongane efile, futhi yaphila? Lowo kwakunguNkulunkulu kubantu baKhe. Impela kwakunjalo.

146 Kwakungubani, ukuthi ngenkathi uPetru oNgcwele, umphostoli, umdobi ongazi kakhulu . . . IBhayibheli lathi,

"Wayengazi lutho futhi engafundile." Kwakungubani, lapho ehamba ehla ezitaladini, futhi abantu babeka abagulayo esithunzini salowomuntu, futhi baphulukiswa na? Ingabe kwakuyisithunzi somuntu esabaphilisa na? KwakunguNkulunkulu kubantu baKhe, okwenza ukuphulukisa.

147 Kwakungubani kuPawulu oNgcwele, ngenkathi bethatha emzimbeni wakhe amaduku noma izindwangu, futhi abekwa kwabagulayo na? UNkulunkulu wayekubantu baKhe. Bamqonda uNkulunkulu kuPawulu oNgcwele. Impela, bakwenza.

148 Kwakungubani ngenkathi isigejane samagwala amancane ekhuleka, athatha iZwi likaNkulunkulu futhi akhuphukela ePentekoste na? Babeneminyango yonke ivaliwe, amafasitela evaliwe, futhi babephakathi lapho izinsuku eziyishumi. Kwathi kungazelelwe kwavela umsindo uvela eZulwini njengovunguzayo, umoya onamandla, wagcwalisa sonke isakhiwo lapho babehleli khona, izilimi ezahlukene zehlela kubo, njengomlilo. Futhi baphumela emigwaqweni bahamba, lapho bake baba nokwesaba, baphumela phandle lapho, beshumayela iVangeli futhi beqhubeka njengesigejane sabantu abadakiwe. Kwakuyini na? UNkulunkulu ekubantu baKhe. UNkulunkulu ehambahamba phakathi kwabantu baKhe.

149 UNkulunkulu ukuwe. UNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ukuwe, ehambahamba manje, ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

150 Yini eyenza laba befundisi abaphefumulelwe bashumayele iVangeli na? Yini ebenzayo na? Mhlasimbe, ngesinye isikhathi, izidakwa; ngesinye isikhathi, abagembuli; ngesiye isikhathi, amadoda amabi; ngokungazelelwe, okuthile kwashintsha! Futhi nakhu bamile, beshumayela iVangeli futhi banikele ngezimpilo zabo. Futhi abanye babo, cishe, bephila njengabampofu ngangokunokwenzeka. Lapho babengosomabhizinisi futhi bebengaceba, begibele izimoto ezinkulu futhi babe nokunethezeka, kodwa bakunikele futhi bakudela. Kungani na? UNkulunkulu ukubantu baKhe, ebuyisana nezwe kuYe uqobo. UNkulunkulu ukubantu baKhe.

151 Kuyini okushaya owesifazane omncane noma owesilisa omncane, futhi uyasukuma, futhi ubuso bakhe bukhanya njengekhandlela, futhi ukhuluma ngolwimi angazi lutho ngalo, nomunye asukume ngaphansi kohlobo olufanayo lokuphefumulelwa futhi anikeze umyalezo ebandleni laKhe na? UNkulunkulu ukubantu baKhe. Amen.

152 Kuyini lokho okuza kulomsamo, umhlangano emva komhlangano, futhi kwenza izimangaliso ezifanayo ezenziwa nguJesu ngenkathi Wayelapha emhlabeni na? NguNkulunkulu kubantu baKhe. Akunandaba ukuthi kungaba kangakanani kimi, kufanele kube kuwe, futhi. Ngoba, ngeke kusebenze

ngami nje ngedwa. Kuthatha mina nawe ndawonye, ukukwenza. Kunjalo.

153 Sonke ndawonye, uNkulunkulu ukithi sonke! UNkulunkulu, hhayi kumaMethodisti kuphela noma iBaptisti, noma iPentecostal noma iPresbyterian, kodwa uNkulunkulu ukulo lonke ikholwa elemukela uMoya oNgcwele. Lowo nguNkulunkulu, uMoya oNgcwele, kubantu, ebuyisana nezwa kuYe uqobo.

154 Buka ukuthi Ubenza kanjani abantu bakukholwe. Ngezinto ezifanayo Azenza kwabokuqala ePentecoste, Uyakwenza kubo namuhla, indlela efanayo. Bemukele uMoya oNgcwele ngendlela efanayo, ngezibonakaliso ezifanayo nezimangaliso ziyabalandela.

155 UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu useZwini laKhe. Ingabe Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu useNdodaneni yaKhe. Ingabe uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu ukubantu baKhe. Ingabe uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu ehamba kukho konke!

156 Ngakho-ke uFiliphu wathi, "Sikhombise uYihlo, futhi kuzosanelisa."

157 Ngenelisekile namuhla ukuthi ngingakwazi ukubona uNkulunkulu nomaphi lapho ngibheka khona! AngiMboni kuphela, kodwa ngazizwela Yena futhi ngiyazi ukuthi Ulapha! Njengoba imbongi yathi, "Ungibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila, Uphila ngaphakathi enhliziyweni yami." Ngibheka uMoya waKhe futhi ngiWubona ungikhuthaza, ungihambisa. Uyakhuthazeka ngokuThile, uMoya oNgcwele. UNkulunkulu ulapha namhlanje, bangane. UNkulunkulu ulapha.

158 UseMvelweni yaKhe phandle ngaleya, ihlobo nobusika, amaqabunga, izimbali, izinyoni, izilwane. Usekushoneni kwelanga, ukuphuma kwelanga. Usesimweni sokuhamba kwelanga nezinkanyezi. Ukhona kuyo yonke indawo! UNkulunkulu ukuyo yonke indawo! Usemhlabeni waKhe nezulu.

159 UNkulunkulu useZwini laKhe. Noma ngubani uzothatha iZwi laKhe, noma yisiphi isithembiso. . . Ake ngiqhubeke ngiqophe ngokusho lokhu. Uma uzothatha isimilo sokuziphatha somqondo esikahle ngakunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu, sizosifezekisa. Yilokho engikucabangayo ngeZwi laKhe. Thatha noma yisiphi isithembiso phakathi Lapha, futhi uma uthatha isimilo sokuziphatha somqondo esikahle ngakuso, uNkulunkulu uzokufezekisela sona. UNkulunkulu useZwini laKhe.

160 UNkulunkulu useNdodaneni yaKhe. WayengonobuNkulunkulu. UyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyakholwa lokho ngakho konke okukimi. Ngiyakukholwa.

Yebo, mnumzane. Wayengekho ngaphezulu. . . Wayengumprofethi. Impela, Wayengumprofethi, Wayengumshumayeli, Wayengumculi. Waye—WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. UNkulunkulu wehlela enyameni, ukubuyisana nezwe kuYe uqobo. Khona-ke leyoNdodana kaNkulunkulu emangalisayo yafa. Futhi, ngenkathi Ifa, Yanikela ngempilo yaYo. Yavuka futhi ngePhasika, futhi uNkulunkulu wavusa umzimba waYo wawubeka ngakwesokunene saKhe, futhi wathumela uMoya oNgcwele emuva ukuyoqhubeka nokuZibonakalisa wona uqobo phakathi kwabantu.

161 Futhi uMoya ofanayo owawukuJesu Kristu uphakathi kwethu namhlanje, Uzibonakalisa wona uqobo ngokuqhubeka kubantu, ngezibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo, ubanika uMoya oNgcwele ofanayo, ukhuluma ngohlobo lwezilimi ezifanayo, unikeza uhlobo olufanayo lokuhumusha, ukubona imibono, uphuma, uphilisa abagulayo, ncamashi nje njengoba Enzile ekuqaleni. UNkulunkulu uphakathi kubantu baKhe!

162 Kungani sibheka-ke, "Sikhombise uYihlo futhi kuyasenelisa"? Siyambona uBaba. Siyambona uBaba.

163 Ngenkathi ngi—uma ngibuka ngaphandle lapha futhi ngibona ukushona kwelanga, ngibona uBaba. Lapho ngibona ukuphakama kwelanga, ngibona uBaba. Uma ngizwa ukumemeza kwasendle kwesilo, ngibona uBaba. Uma ngibona lezo zimbali ziqhakaza, ngibona uBaba. Awunjalo na?

164 NgiyaMbona eZwini laKhe. Ngaso sonke isikhathi uma ngithatha iZwi laKhe esithembisweni, ngiyambona uBaba.

165 Ngibheka uJesu, ngibona uBaba eZibonakalisa eNdodaneni.

166 Ngibheka abantu baKhe, ngibona uBaba; ngiMbone esebenza phakathi kwabantu baKhe, Ezibonakalisa, eqhubeka njalo. "Sikhombise uYihlo"? Nangu Ukhona lapha kulentambama, esebenza phakathi kwabantu baKhe, kubantu baKhe, ngabantu baKhe, phezu kwabantu baKhe. Haleluya! UNkulunkulu ukubantu baKhe.

167 Asikhuleke. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Makadunyiswe uNkulunkulu! Ingabe niyaMthanda na? Kulungile.

168 Ngikholwa ukuthi uBilly ungitshele umkhuleko ongamashumi amahlanu. . .Kulungile. Ikhadi lomkhuleko lokuqala. Phakamisa isandla sakho, masinya impela, ukuze sikwazi ukubona manje, futhi ulunge ngokushesha emgqeni womkhuleko. Sizobona okuthile kwenzeka. Ngi. . .Nikulindile na? Ikhadi lomkhuleko lokuqala, ubani onalo na? Lelinenekazi lapha, linekhadi lomkhuleko lokuqala na? Ngicela ikhadi lomkhuleko lokuqala. (Beku—Bekuyiluphi uhlamvu na?) U-E.

169 Ikhadi lomkhuleko E, elokuqala, phakamisa isandla sakho. Elesibili. Kulungile. Elesithathu, elesine. Wozani ngapha, uzokwazi na? Elesihlanu, isithupha, isikhombisa. Lokho kulungile, phakama ngqo. Njengoba ngibiza nje, sukuma. Isikhombisa, isishiyagalombili, isishiyagalolunye, ishumi, ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili, amashumi amabili nanye, amashumi amabili nambili, amashumi amabili nantathu, amashumi amabili nane, amashumi amabili nanhlanu, manini nje umugqa manje.

170 Bangaki abangenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisani izandla zenu. Ingabe uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukubantu baKhe na? UNkulunkulu ofanayo owahamba eGalile, kuJesu Kristu, uyakholwa ukuthi Yena ulapha namuhla, kuwe, uMoya ofanayo owawukuJesu na? Uyindodana kaNkulunkulu ezalwa yintombi; futhi ningamadodana athathiwe, nguYe. UMoya ofanayo owawukuYe, ukuwe. Kulungile.

171 Amashumi amabili nanhlanu, amashumi amabili nesithupha, amashumi amabili nesikhombisa, amashumi amabili nesishiyagalombili, amashumi amabili nesishiyagalolunye, amashumi amathathu, mabeze labo. Sizobabiza kanjalo ukuze singeke sibe nokuminyana, uyazi, ukuhambahamba kakhulu. Kulungile, amashumi amathathu, amashumi amathathu nanye, amashumi amathathu nambili, amashumi amathathu nantathu, amashumi amathathu nane, amashumi amathathu nanhlanu, amashumi amathathu nesithupha, amashumi amathathu nesikhombisa, amashumi amathathu nesishiyagalombili, amashumi amathathu nesishiyagalolunye, amashumi amane. Lokho kulungile, hamba nje khona lapho futhi bazokufaka ngqo kulayini. Uma ungakwazi ukuhamba, ngani, yazisa othile, bazokuthwala.

172 Manje, bangaki abangenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngifuna uNkulunkulu angiphilise kulentambama." Anginandaba nokuthi ungubani, uvela kuphi, noma yini, vele uthi, "Ngifuna uNkulunkulu angiphilise. Ngiyakholwa."

173 Kulungile, amashumi amane kuya emashumi amahlanu manje, mabeze. Wonke umuntu onekhadi lomkhuleko, sukuma uze lapha manje, wena onekhadi lakho lomkhuleko. Sizolinda nje imizuzwana embalwa bese siqala ngqo emgqeni, ukukhulekela abagulayo.

174 Manje, sifanele ukuqeda emizuzwini eyishumi noma eyishumi nanhlanu elandelayo, ngakho-ke sibekezelele nje kancane, futhi khuleka ngakho konke okukuwe. Manje ngifuna nibuke ngapha, ngamunye wenu manje. Manje khumbula . . .

175 Ngabe zikhona izihambi lapha ezingakaze zibe komunye wemihlangano ngaphambili na? Kunenqwaba impela, bheka nje. Siyajabula kakhulu ukuba nani. Ngithemba ukuthi uzo—uzoqhubeka kuloluhlobo lwenkonzo, okungukuthi, lapho uMoya oNgcwele . . . Uma ungelona i—ilunga lebandla elithile leVangeli eligcwele, futhi ngokwemvelo, singakucela, uma uthanda uhlobo lwenkonzo lapho uMoya oNgcwele ungena futhi uhambe. Bheka laba befundisi lapha, ba—bahlala kulo lonke lelizwe lapha, futhi bazo . . . (Ngiyabonga, dade.) Bazo—bazojabula ukuba nawe ebandleni labo.

176 Manje ngifuna ukusho lokhu, ukuthi wonke umuntu ophendukile kuleliviki, wonke umuntu ophedunkile lapha kuleliviki, manje, bukani lesisigejane sabefundisi, ba—bamele into efanayo engiyenzayo. Asinamehluko nhlobo. Sifana ngokuphelele. Siyakholwa eVangelini eligcwele, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, zonke lezizinto. Bonke laba befundisi lapha, sonke siyafana ncamashi nje. Futhi sifuna ukuthi ujoyine amabandla abo ukuze uqhubekele phambili. Manje banga . . . UmSamariya olungileyo ufikile, wathela amafutha esilondeni. Kodwa uyakuthatha manje, futhi yena ufuna ungene kwelinye lamahhotelana lapha, eliseduzane kunawo wonke nawe. Useqedile ukukhokhela umelusi ukuthi akunakekele, ngakho-ke usekhokhelwe; wamukele uMoya oNgcwele, wathola izibusiso zikaNkulunkulu, nempilo, nesambulo, angavele ondle umphefumulo wakho! Ngakho-ke woza manje ujoyine elinye lamabandla, futhi kuzoba—kuzoba yinto enhle kunazo zonke ongayenza ukugcina umoya wakho wondlekile futhi uqhubeka. UNkulunkulu abe nawe.

177 Manje, asizisho ukuthi siyinoma yini okwedlula umfowenu. Manje, uma uHlwitho luza namuhla, futhi uNkulunkulu ubengathatha labo abafanelekile abayise ekhaya kuqala, ngizoba owokugcina ukusuka lapha emsamo. Kunjalo. Ngazalwa kungakabi yisikhathi. Ngi . . . Uma u, iningi lenu befundisi bePentecostal lapha, abadala kunami, eminyakeni eyedlule nanilapha esitaladini, nishumayela, lapho ukuhlushwa kwakunzima, nanilungiselela indlela engigijima phezu kwayo. Nanitshela abantu ukuthi lezizinto zizokwenzeka. Kwakufanele nigawule zonke izinhlobo zamahlathi nezinto, phezu kwazo zonke izinhlobo amadwala anqwabelene. Niyabo? Ngiyingane nje. Futhi yinina, ningabazalwane o—olethe lokhu. Ningabafowethu nodadewethu abenze lezi zinto. Nikhulume kuphela kubantu, futhi nabatshela ukuthi kuzokuza. Nibeke isisekelo. Enye . . . ukubeka isisekelo, omunye ungumbazi, omunye ungumlungisi wamapayipi, omunye usebenza ngogesi. INdlu kaNkulunkulu iyagxunyekwa. Niyabo? Futhi manje njengoba siqhubeka, futhi omunye ngamunye unendawo yakhe. Futhi manje si—sifuna nina bantu nazise futhi nihloniphe abazalwane bethu kanye nalamabandla. Futhi nivumele uMbuso

kaNkulunkulu ukhule futhi wande njalonjalo, ngumkhuleko wethu.

178 Manje, angikwazi ukuphulukisa. Ukuphulukiswa sekuvele kuthengwe nguMoya oNgcwele. Bangaki abakwaziyo lokho na? UKristu wakwenza eKalvari. Into kuphela, okunguthi mhlawumbe lamadoda lapha, angabefundisi, angathatha iZwi likaNkulunkulu. Bengingeke . . . bengingeke ngaba nesibindi sokuma phambi kwabo ngeZwi likaNkulunkulu, nanoma yini ephambene; ngoba, babiziwe, lelo ihhovisi labo, bayashumayela, bayazi ukuthi bakhuluma ngani. Ngakho-ke nje lalela abakushoyo, bese uthi "amen" bese uqhubeka, ngoba ba—bangamadoda kaNkulunkulu. Ngiyabalandela, futhi ngithola ukuthi baseBhayibhelini, futhi bakhuluma iQiniso.

179 Awu, manje, angishumayeli kakhulu. Kepha isiphiwo sami yisiphiwo sokubona. Lowo ngu . . . UJesu wayengumshumayeli. Wayengumboni futhi. Futhi engxenyeni yami, kungukuthi anginayo imfundo eyanele yokushumayela, kepha nginesiphiwo sokubona izinto ngaphambili, ngisho ngaphambili nokubikezela.

180 Ngoba, eBhayibhelini, Kuthi, "Kwathunyelwa abaphostoli, abaprofethi, abavangeli, abafundisi, abelusi, konke lokhu kwakungukuba kuphelelisiwe iBandla." UNkulunkulu wababeka eBandleni. Manje, kunezipho eziyisishiyagalolunye zikamoya, ukuthi singabeka izandla, kanjalonjalo, futhi sikhulekele ngobuqotho okwedlula konke ngeziphiwo ezizedlula zonke, futhi ziveze ngaphambili kanjalo. Kodwa lezi ezinye ziyizipho ezimiselwe ngaphambili nguNkulunkulu, uNkulunkulu uzibeka eBandleni.

181 Onyakeni olandelayo, Yena . . . UJohane umBhaphathizi, wayengumaduleleli okhethekile walowo nyaka. UNkulunkulu wamisela ngaphambili nje ukuthi enze lowo msebenzi. Ingabe uyakukholwa lokho na? Impela, Wakwenza. UJesu wathi, "Ngabe naya ukuyobona umprofethi na?" Wathi, "Ongaphezulu komprofethi." Niyabo? UJohane wayengakwazi lokho, kodwa uJesu wayekwazi. Niyabo?

182 Futhi uJeremiya, ngaphambi kokuba azalwe, uNkulunkulu wathi, "Ngakwazi, ngakugcwelisa, ngakumisa waba ngumprofethi ezizweni." Lelo yiqiniso, akunjalo na?

183 Manje ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Wathi, ngenkathi Esehamba, Wathi, "Kuseyisikhashana, nezwe . . . " Ungakukhohlwa lokhu, mngane ongumKristu. "Kuseyisikhashana, izwe lingasaNgiboni; nokho nizoNgibona, ngokuba Ngizoba nani, kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ngabe wakusho lokho na? Uzoba nathi kuze kube sekupheleni kwezwe. IBhayibheli lasho lokho, "Unguye izolo, namuhla naphakade." Lokho kusho ukuthi, "okufanayo ngomthetho, Okufanayo ngamandla." Ukuphela kwento ehlukile kuJesu

namuhla emhlabeni, nalokho Ayeyikho ngalesiya sikhathi, namuhla Ulapha ngesimo sikaMoya oNgcwele. Umzimba waKhe uhleli ngakwesokunene sikaNkulunkulu eZulwini. Ngelinye ilanga Uyofika, futhi labo abakuKristu bazovuka futhi bahambe naYe. Niyabo? Yilokho esikubhekile, ngalolosuku. Kepha uMoya Wakhe, ngawo wonke amandla aKhe nokubonakaliswa, unikezwa uMzimba wamakholwa emhlabeni wonke.

184 Manje, leNgelosi yeNkosi: uma ingenzi futhi yenze imisebenzi efanayo leyo eyenziwa nguJesu, khona-ke aKuwona uMoya owawukuJesu, kodwa uma Wona *wenza* imisebenzi efanayo uJesu ayenzayo! Ngoba Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo, naye uyakuyenza."

185 Uyazi iBhayibheli lithi, isahluko esifanayo, uJohane 14, "Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza; ngisho *nemingi* kwalena niyakuyenza, ngoba ngiya kuBaba waMi." Ngiyazi ukuthi iKing James ikubeka "okukhulu." Kungeke kwaba okukhulu; eyokuqala ithi "okuningi." Isizathu, Wamisa imvelo, Wavusa abafileyo, awu, konke nje. Ubungeke wenze okukhulu ukwedlula Akwenza. Kepha iBandla lizokwenza okuningi kunakho, ngoba, ngenkathi sinomhlangano lapha, banomhlangano e-Afrika, banawo eBrazil, bazungeze umhlaba wonke, niyabo, ngoba kungaba *ngaphezulu*. UNkulunkulu wabonakaliswa kuMuntu oyedwa ngaleso sikhathi, iNdodana yaKhe uJesu; manje Ubonakaliswa eBandleni laKhe, emhlabeni wonke. Kodwa uMoya ofanayo wenza imisebenzi efanayo! Ngolunye usuku . . .

186 Kuwe ongenalo ikhadi lomkhuleko. Manje, ingabe lisekhona elinye ikhadi lomkhuleko e—ezethamelini na? Uma likhona, ufanele ungene emgqeni. Wena ongenalo amakhadi omkhuleko, kwakukhona owesifazane . . .

187 Ake sithi—ake sisho kanjena, akufundeki ngalendlela, kepha owesifazane ngesinye isikhathi wayenenkinga yomopho, futhi wayengazi ukuthi uzofika kanjani kuJesu. Kepha wathi, "Uma ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngiyaMkholwa, ngizophulukiswa." Bangaki abake bayifunda leyondaba na? Ngani, impela, siyifundile.

188 Futhi, manje, wazishutheka wangena esixukwini, futhi wazishutheka wedlula bonke abagxeki, futhi wathinta ingubo yaKhe. Manje, ingubo yasePalestine zazilenga zikhululeke, futhi zazinengubo yangaphansi. Manje, Akakuzwanga kumthinta ngokuphathekayo, kodwa Wathi "Ngubani oNgithintile na?" ngenkathi eMthinta futhi wabuyela ngaphandle ezithamelini. "Ngubani oNgithintile na?"

189 Futhi, ngani, uPetru waMkhuza, wathi, "Nkosi, kungani Usho into efana naleyo na? Ngani, wonke umuntu uyaKuthinta, futhi Wena uthi, 'Ubani oNgithintile na?'" WaMkhuza, kwasho iBhayibheli.

190 Wathi, “Kodwa Ngiyabona ukuthi ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi.” Futhi Wabheka nxazonke ezethamelini Waze Wamthola owesifazane omncane. Wayesethi kuye, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Wayekade enenkathazo yomopho. Niyakukhumbula lokho na? Manje bangaki . . .

191 Bhekisisani, laba befundisi basesontweni lapha, nonke ningabelusi. Abafowethu abangabelusi, iBhayibheli lasho ukuthi “uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ngabe kunjalo na? Futhi iBhayibheli liyakusho ukuthi “UngumPristi oMkhulu, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu manje, ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu.” UngumPristi omKhulu ongathintwa ngomuzwa wobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Niyakubona lokho na? UmPristi oMkhulu. Manje, uma Enguye izolo naphakade, uhlobo olufanayo lokuthinta lungaletha imiphumela efanayo. Ngabe kunjalo na?

192 Manje bhekani kuYe. Ubungamthinta kanjani na? Ngokukholwa kwakho. Yelulela phezulu uthi, “Nkosi Jesu, nginesidingo esilukhuni.”

193 Lalelani. Celani lokhu. Ungazikhulekeli; khulekela omunye umuntu. Ake sikuthathe ngaleyondlela. Hhayi njengawe uqobo; khulekela omunye umuntu. Kwangathi uMoya oNgcwele angakubona lokho. Vele ukhulekele omunye umuntu. Abathile babathandekayo bakho, noma omunye omaziyo ukuthi ukhona ndawondawo, noma okuthize kanjalo, nikhulekele lokho. Uyabo, ukuthi uzokwazi . . . ungaha- . . . Akudingeki ukuba babe lapha. UNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko. Uyazi ukuthi ukhuleka mayelana nani.

194 Bangaki esakhiweni abayizihambi kimi, abaziyo ukuthi angazi lutho ngawe na? Phakamisa isandla sakho. Ngiyabonga. Ngiqagele, wonke umuntu. Ezansi kulomugqa womkhuleko, nonke niyazi, uyazi ukuthi ngiyisihambi kuwe, phakamisa isandla sakho. Angikwazi.

195 Manje, niyaqonda, uma ukuthinta okukodwa okuvela kowesifazane omncane kwenza uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu ibe buthakathaka, amandla aphuma kuYo (*amandla* asho “ukuqina”), ubuyokwenzani lowomugqa kimina, isoni esisindiswe ngomusa na? Niyabo, nansi incazelo yakho, “*Omningi* kwalokhu uzokwenza.” Niyabo? Nakho lapho okhona. Manje, uma kufanele ngithathe uhhafu walowomugqa womkhuleko, ekuboneni okufihlakele, mhlawumbe bayongikhipha sebengithwele. Kungiqeda amandla nje. Kukhona okuthile ngakho. Angikwazi ukukwenza konke lokho. Kepha ngingakhulekela ngamunye. Yilokho okufunayo, empeleni, akunjalo bantu na?

196 Ukubeka izandla. Manje, uJesu, Akashongo ukuthi, "Bekani izandla futhi nikhuleke." Wathi, "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla phezu kwabagulayo." Akukaze kuthiwe "nibakhulekele"; vele "ubeke izandla." Umyalo wokukhuleka uthi, "Bizani amalunga ebandla, abagcobe ngamafutha abakhulekele," lokho kwenzelwa ibandla. Kepha isiphiwo sokuvangela sokuphulukisa "ukubeka nje izandla phezu kwabagulayo." Siyakwazi lokho. Hhayi "ukubakhulekela"; "Bekani izandla, kubo, lezizibonakaliso ziyolandela!" Manje, kepha ukuthi i . . .

197 Asibone, ngubani u . . . UMfowethu Borders, ubani na? Kulungile. Ukuze nje uMoya oNgcwele ungaqala, uhambe phakathi kwethu.

198 Manje, bukani, angifuni noma ubani azulazule. Ngiyacela, manje, yonke indawo, thula ngempela, yiba nenhlonipho yokuzithoba. Manje, ngiqonde, lapho uMoya oNgcwele wenza noma yini, ufuna ukuMdumisa, lokho kulungile, kufanele ukwenze lokho. Kodwa ungazulazuli. Hlala uthule. Ngoba, ngamunye wenu ungumoya. Bese kuthi-ke ugcobo lukaMoya oNgcwele lufike bese, uthi, omunye emuva ngaleya emuva kwalapho ethi, "Kaze ngabe lokho kunjalo yini," ngiyakuzwa lokho khona lapha. Omunye emuva lapho ethi, "Awusho, John, uyamazi u*S'bani-bani* no*S'bani-bani* na? Bengingu*s'bani-bani*." Uyabo, lokho kuyagxambukela.

199 Niyabo, ngoba, uma uMoya omkhulu wokuPhila okuPhakade unathi, futhi Ungigcobele okuthile, lapho-ke ngizozwa sengathi kushaya inhliziyo. Uyabona, wena . . . Yileyondlela engi—ngiyakuthola ngayo. Niyabo, wena Mthinte. Futhi ngokusebenzisa lokho, lapho ukhuleka kuYe, umusa nokukholwa kwakho kuyaMthinta; lapho-ke Uvele . . . Ngiyazinikela nje qobo lwami, bese Yena ekhuluma kakhulu, bese eqala ukungitshela. Lapho-ke yiba yijaji ukuthi kuqinisile noma qhabo.

200 Manje uma Ezokwenza lokhu okokugcina, manje siyahamba, silungela uku, umhlangano ulungiselela ukuvalwa emizuzwini embalwa ezayo, bangaki ozothi, "Ngizokwamukela ngenhliziyo yami yonke, futhi ngikholelwe noma yini enginesidingo sayo"? UNkulunkulu akubusise manje.

201 Baba waseZulwini, ezandleni zaKho ngibeka lezizethameli. Ngithatha yonke imimoya ngaphansi kolawulo lwami, ngokwenzela udumo nenkazimulo kaJesu Kristu. Ngikucela eGameni laKhe. Amen.

202 Manje, inenekazi lapha, ngiyakholwa (liphakamisa nje isandla salo) ukuthi beliyisihambi ngokuphelele kimi. Angilazi. Mhlawumbe okokuqala kwethu ukuthi sisondelane kangaka ndawonye, ngaphandle kokuthi sidlulene endaweni ethile

esitaladini ndawo ndawo. Kepha uNkulunkulu uyasazi sobabili. Manje uma . . .

203 Manje bhekisisani, bangane. Nasi isithombe namuhla sikaJohane oNgc., owesifazane nowesilisa behlangana okokuqala ngqa; UJesu nowesifazane waseSamariya. Manje, angisuye uJesu, futhi yena akasiye owesifazane waseSamariya, kodwa kungomunye unyaka. UMoya waKhe ofanayo ulapha. Owesifazane emi lapha, angahle abe ngumgxeki, angahle abe ngumKristu, angahle abe ngumkhohlisi, angahle ukuba udinga imali, angahle ukuthi umele umuntu othile. Angazi. Bengingekwazi ukukutshela nje. Kepha uNkulunkulu uyazi. Manje uma Ezoma bese engitshela, futhi makabe ngumahluleli, uma Ezongitshela, ncamashi, okuthize ngaye! Uma ngi . . . kukhona noma yini ngaye, bengingeke ngikwazi. Kodwa uma Eyongitshela okuthize ngaye, makabe ngumahluleli.

204 Bese kuthi-ke, awu, uma kuqinisile, uyazi ukuthi kuzofanele kuqhamuke kolunye uhlobo lwamandla. Ngabe kunjalo na? Abanye . . . Awu, khona-ke ungawahlukanisa kanjani ngezigaba lawo Mandla na? Ashumayela iVangeli, aphakamisa uJesu Kristu, abizela izoni e-altare, ephulukisa abagulayo nabahluphekayo, hlobo luni loMoya, ngabe hlobo luni lwezithelo lowoMoya oyobe uluthela na? Uhlobo olufanayo lwezithelo ezathelwa nguJesu Kristu, enoMoya kaNkulunkulu kuYe. Ngabe kunjalo na? Kuyoba uMoya wobuKristu. Impela, kuyoba kuwe ukuthi wenze ukukhetha kwakho, yikuphi.

205 Kodwa kuzoba nguNkulunkulu kuwe, ngeke kube yokho na? [Owesifazane uthi, "Yebo, kuzoba njalo"—Umhl.] Yebo. Isizathu, ungumKristu.

206 Manje, ngaze kanjani ukuthi ubengumKristu na? Ngoba ngizwa uMoya wakhe, niyabo, manje nje, njengokushaya kwenhliziyo kungena, njengokuhamba, phewu, phewu, phewu. Futhi ngiyazi uMoya kaNkulunkulu ophezu kwami, lowo ongigcobayo manje, uyaqonda ukuthi lowo ngudadewethu. Futhi angikaze ngimbone, nokho ngiyazi ukuthi unguye. Uyabona, kufana nokuthile okuza ka*njena*. Kuyahamba ndawonye. Umoya wakhe uhlangana noMoya ongigcobile.

207 Bangaki oseke wasibona isithombe saleyoNgelosi yeNkosi na? Bona bathole, o, banaso lapha yonke indawo, basemhlabeni wonke. Khumbula, nginitshela lokhu. LeyoNgelosi yeNkosi oyibona esithombeni, iNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, leyo yenziwa inyama yakha phakathi kwethu, yavela kuNkulunkulu futhi yabuyela kuNkulunkulu, iyabuya ezinsukwini zokugcina ukwenza umsebenzi waYo, ukuqedela uMbuso, ikhona lapha cishe amayitshi ayisithupha lapho engimi khona. Manje kukhumbuleni lokho. Yeka inselele! Kodwa ngiyaYikholwa. Iyazi. Ngiyazi ukuthi Ayilokothi yehluleke.

Manje uma iNkosi izongembulela okuthile ngawe, dade.

208 Futhi kini emgqeni womkhuleko, manje hlalani nilungele, ngoba angifuni ukumela ukwahlukanisa kukamoya kukho konke, ngoba ku . . . angikwazanga ukukwenza. Kepha hlala ulungele nje, ube ukholwa.

209 Manje, ukuba bengingakusiza, futhi ngingakwenzi, khona-ke bengizoba mubi, angifanele ngime lapha kuleli pulpiti; nalolo hlobo lomuntu, neze. Kodwa bengilokhu ngishumayela kanzima. Futhi ngilinde nje umzuzwana, ukuba nengxoxo nawe.

210 Njengoba nje iNkosi yethu yenza kowesifazane emthonjeni, Yathi, "Ngiphuzise." Niyabo? Yayenzani na? Ibamba umoya wakhe, ibone ukuthi yini—kwakuyini inkinga. Kwathi-ke ngenkathi Isithola inkathazo yakhe, Yamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Niyakhumbula ukuthi kwakuyini na? Wayenamadoda amahlanu; futhi eyesithupha, kwaba, ngoba wayenamahlanu naleyo ayehlala nayo ngaleso sikhathi kwenza ayisithupha.

211 Futhi—futhi ngenkathi Imtshela ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe, ngani, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi."

212 Niyabo, aba—aba—abaFarisi babesanda kuthi, "Wayengumbhuli, udeveli." Wabatshela ukuthi lokho kwakuzothethelelwa ngaleso sikhathi. Kepha lapho uMoya oNgcwele ufika, ukukwenza, kwakungeke kuthethelelwe, ukukhuluma ngokumelene naWo.

213 Ngakho-ke, kodwa wathi, "Ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Futhi siyazi (thina maSamariya, siyalazi iZwi), siyazi lapho uMesiya efika, obizwa ngokuthi nguKristu, Uzositshela zonke lezi zinto." Niyabo, wayazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

Futhi Yathi, "Nginguye Lowo okhuluma nawe."

214 Futhi washiya imbiza yamanzi, futhi wagijimela emzini, wayesethi, "Wozana, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzileyo. Akuyena yini lo uMesiya na?"

215 Manje, uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ngaleyonkathi, bekuyoba yisibonakaliso sikaMesiya manje, uma uMesiya enguye izolo, namuhla, naphakade. Uma loMoya u . . .

216 Uyewa, ukuthi kukhona okwenzekayo, angithi? Manje vele wazise izethameli. Umuzwa wangempela omnandi, othobekile ubusanda kuba, ukuwe. Akunjalo na? [Owesifazane uthi, "Kunjalo"—Umhl.] Phakamisa isandla sakho. Omnandi ngempela, uthobekile. Ngibheke ukuKhanya phakathi kwami nowesifazane. Manje sekuyahlakazeka.

217 Owesifazane uphethwe i-TB. [Owesifazane uthi, "Uqinisile ngempela"—Umhl.] Futhi usanda kusuka esibhedlela sofuba. ["O, o, o!"] Yiqiniso lelo. ["Kunjalo"] Kunomunye umuntu. Yilomfana lapha. Umzuzwana nje. UMoya ofanayo kuye. Yebo,

lowo ngumzukulu wakho. [“Yebo kunjalo. Kunjalo.”] Kunjalo. Unenkinga yamankanka. Futhi unezibazi ezicutshini zephaphu lakhe. Lokho kuyiqiniso. [“Kunjalo. Uqinisile impela.”] Kunjalo, akunjalo na? [“Kunjalo. Kunjalo. Odokotela bathe unayo.”] Impela. Kulungile. Nkk. Harris, lelo igama lakho. [“Yigama lami lelo!”] Wena nomzukulu wakho hambani niye ekhaya, izinkathazo zenu seziphelile. UJesu Kristu ikwenze . . .?. . .

218 Uyayikholwa iNkosi uJesu manje na? Niyabo, lelo yiBhayibheli, lowo nguMoya kaNkulunkulu wenza okufanayo izolo, namuhla, naphakade. Manje uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Lokho kufanele kukuxazulule.

219 Manje uma ngingalisho nelilodwa igama, ngivele ngibeke izandla zami kuwe ngenkathi uGcobo luselapha, ubungakholwa na? Hamba-ke, futhi uphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu.

220 Woza, dade. Ufuna iphele inkinga yakho yesisu na? Vele uhambe, ubonga uNkulunkulu, futhi uthi, “Sekuphelile,” kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

221 Uma ngibeka izandla zami phezu kwakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? EGameni likaJesu, philiswa. Yileso simo sokungena. Yena uphulukisiwe. Kunjalo. Yileso isimo. Manje, khumbulani, uMoya oNgcwele ulapha.

222 Nakhu kuza umfanyana omncane othandekayo. Umncane kakhulu, s’thandwa, kanzima, ukuba nokukholwa. Kodwa buka lapha umzuzu nje, kuMfowethu Branham. Kulungile. Inkinga yakho yenhliziyo isiphelile manje. Ungaya ekhaya futhi uphile. Amen. UJesu uyakusindisa.

223 Ake sithi, “Ngiyabonga Nkosi,” ngalowomfana omncane.

224 Bewulokhu wethuka kabi kabi, angithi? Kuzokushiya manje. Vele uhambe ngqo uqhubekele ekhaya, uthi, “Ngiyabonga, Nkosi,” futhi uphile.

225 Woza. Awu, leso sifo sikashukela esidala, ukube besingasisusa nje! Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? NgeGama likaJesu, kwangathi kungashiya owesifazane futhi kungaphinde kumhluphe. Amen.

226 Wozani manje. Lelinenekazi linento efanayo, isifo sikashukela, nalo. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke manje lapho udlula, futhi uphile, eGameni leNkosi uJesu.

Uyakholwa, wonke umuntu manje na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu!

227 Woza, dadewethu. NgeGama likaJesu Kristu, philiswa. Yiba nokukholwa, ungangabazi.

228 Woza, mfowethu othandekayo. Ngiyakholelwa impela ukuthi uphulukiswe lapho uhlezi phansi ezansi lapho, ngakhoke ungaqhubeka nje! . . .?. . . UNkulunkulu akubusise manje. Kulungile.

229 Woza, dade othandekayo. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu! Yilokho kuphela. Yilokho kuphela. EGameni likaJesu Kristu, philiswa. Amen. UNkulunkulu akubusise, dade. Qhubekela phambili, uthokoza futhi ukholwe. O, leso yisimo sokungena.

230 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, nonke gcinani izihlalo zenu manje. Yiba nenhlonipho yokuzithoba yangempela, uMoya oNgcwele ulapha. Ngenxa yokuthi Akakhulumi ngokuphelele kakhulu kubo; ngesinye isikhathi esho izinto nje. Ngizama nje ukusho ukuthi. . . Futhi uma ngiwubona uvela ngokushesha okukhulu, ngiyakusho bese ngiqhubeka. Niyabo? Kwesinye isikhathi ngiyakwazi ukuphuma kuwo futhi imizuzu embalwa, bese-ke uqhubeka. Kodwa uMoya oNgcwele ulapha, Usazazi zonke izinto.

231 Uyakukholwa lokho, nenekazi na? Woza eduze kwami. Ngiqinisekile, ungumSpanish, nami um-Irish, asazani. [Inenekazi lithi, "Qhabo"—Umhl.] Lokhu okokuqala ngqa ukuhlangana kwethu. Uyamkholwa uJesu Kristu, Lona eNgikhuluma ngaye, uyiNdodana kaNkulunkulu yeqiniso na? Uyakholwa ukuthi ngimele Yena kunjalo na? Uyakholwa ukuthi Ungithume ukuba ngikusize na? ["Yebo"] Uma ngizokutshela ukuthi yini inkathazo yakho, ingabe uzoMkholwa na? Inkathazo yakho isemhlane wakho. Futhi unenkathazo yomhlane. Futhi, umyeni wakho unenkathazo yomhlane. Yena unenkathazo ngomlenze wakhe. Wena unentombazane enenkathazo ngentamo. Kwabangelwa ingozi yemoto. Kunjalo. ["O, ngibonga Wena, Nkosi!"] Iya ekhaya, nonke nizoba kahle.

232 Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Manje lokho kwenza ube buthaka futhi kwenza okuthile. Yiba nokukholwa nje manje, kukholwe.

NgeGama likaJesu, ngikhulekela owesifazane. Amen.

233 Woza manje. Woza, mnumzane. Ungangabazi manje. Ube nokwethuka okubi kabi nokushukunyiswa, futhi kwakwenza waba nezilonda emgudwini wokugayeka kokudla esiswini sakho, futhi kuyakulimaza. Kepha hamba uye ekhaya manje, uzosinda futhi ubekahle. UNkulunkulu akubusise. Yiba nokukholwa manje. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

234 Awu, siyabona ukuthi yini inkinga ngomntwana omncane, unezinsimbi lapha. Uzokukholelwa, dadewethu, manje, [Udade uthi, "Yebo, ngiyakholwa."—Umhl.], ukuthi uNkulunkulu uvumela leyo ntombazanyana iphile, futhi ivuke futhi ibe yintombi enhle engenazo lezi zinsimbi na?

235 Baba waseZulwini othandekayo, uma bengingaphilisa lomntwana futhi ngisuse lezizinsimbi kuyo, bengizokwenza. Kodwa ngibeka isandla sami phezu kwalesi sithandwa inganyana, engenayo indlela yokuba nokukholwa okungokwayo uqobo. Ngiyasiyala lesisimo sokukhubazeka. NgeGama likaJesu Kristu, sengathi lengane ingahamba futhi iphile.

Ngokuqinisekile njengoba ngimi lapha. [Udade uthi, "Usephilisiwe"—Umhl.] Impela. Yebo. Wena uyakukholwa, angithi na? ["Ngiyakholwa"] Bangaki abakukholwayo na? Izohamba, futhi ingane izozikhipha izinsimbi, futhi izohamba. Kulungile, yiba nokukholwa.

236 Isisu esinokwethuka. Futhi, o, he! Uyakholwa na? Khona-ke qhubeka ngqo, bese uyadla futhi ujabule, nokukholwa kwakho kukusindisile.

Yibani nokukholwa manje, nonke, kholwani nguNkulunkulu! Woza, dade othandekayo. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na?

237 O Nkosi, ngiyakhuleka ukuthi Uzomphilisa. Ufanele abe naMandla aKho okuphulukiswa, noma afe. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzomphilisa. Siphe khona. Siphe khona.

238 Kulungile, dade. Ake ngikubonise okuthile. Baningi abantu phandle kulezi zithameli, abahlushwa into efanayo onayo. Uyabo, ake ngikubonise okuthile. Unenhliziyo ethukile. Ake ngikukhombise laphaya. Bonke abakhathazwa yimizwa (phakamisani izandla zenu) nenhliziyo, phakamisani izandla zenu. Babheke, uyabo. Nginganibiza kanjani ngamunye wenu na? Niyabo? Angikwazanga ukukwenza. Kodwa ngiyakuzwa nje lokho kuvumelana okukhulu; isitha sizama ukukubamba, futhi umemeze laphaya ukuthola umusa. Uzokuqaqa ukubamba kwakhe yonke indawo. Kulungile. Ngakho-ke, uyakholelwa ukuthi uzokhululwa, ukuthi yena ulahlekelwe yikho kuwe manje nje? [Udade uyamemeza, "Yebo."—Umhl.] Uzizwa wehlukile, angithi? Wena uphulukiswe khona lapho. Qhubeka nendlela yakho, ujabule, uthi, "NgiyaKubonga."

239 Woza, nenekazi elincane, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uphile. EGameni likaJesu, kwangathi udadewethu angaphiliswa.

240 Nkulunkulu, busisa lomfana omncane kulobubusuku. O, he! Uyakholwa ukuthi uJesu uzokusindisa na? Kulungile. EGameni likaJesu! INkosi ikubusise.

241 Kulungile. Woza manje, futhi ukholwe, mfowethu. Woza, mfowethu, igosa. Woza, wena, uthole izibusiso zeNkosi. Ngibeka izandla zami kumfowethu, eGameni likaJesu. Sengathi angaphiliswa. Siphe khona.

242 Wonke umuntu uyakholwa na? Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa nje manje. Ngenxa yokuthi asimi kuwo wonke umuntu, lokho akusho ukuthi . . . Yisho nje . . . Ngiyakubona, kodwa nje angifuni umbono ukuthi . . . Kuyinto ethile nje enokuxhumana kuwe lapho uma ukhuluma nabantu. Uyazi ngiqonde ukuthini na? Iyaxhuma, bese-ke u . . . Yilokho-ke, uyabona, u . . . kukwenza ube buthaka.

243 Umzuzwana nje, kukhona okwenzekile ezethamelini. Uma uzokholwa, awusoze waba nakho lokho kuhlizwa esinyeni. Uthinte umphetho wengubo yaKhe, dade. Uthinte ini yena na? Ake ungitshele ukuthi yena uthinteni. Akunakwenzeka ukuthi angithinte elapho. Kepha uvele wakwenza nje . . . Manje ake ngikutshele okuthile. Ubehleli khona lapho ngalesosikhathi, ekhuleka, "Nkulunkulu, makangibize." Uma kunjalo, uma lowo ngumkhuleko wakho . . . Nakho-ke yiwo, uyabo. Kunjalo impela. Wena yenza okufanayo, futhi ubone ukuthi akunjalo. Vele wenze okufanayo. Kulungile.

244 Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi, futhi awungazi. UNkulunkulu uyasazi sobabili. Ngenkathi ugcobo luselapha, sizovele nje sibone ukuthi inkathazo iyini. Into yokuqala, uhlushwa ngamehlo akho, ikhanda lakho. Unefindo engalweni yakho yesokunxele nasesihlakaleni. [Owesifazane uthi, "Kunjalo"—Umhl.] Lokho kunjalo. Uyakholwa na? ["Yebo"] Uvela endaweni ebizwa ngeSunnyvale. ["Kunjalo"] Nkk. White. ["Yebo"] Iya ekhaya, uthokoze, futhi uphile. Kulungile.

245 Kholwani nguNkulunkulu, kholwani nje manje, wonke umuntu. Woza manje futhi ube . . . Uyakholwa na? Wonke umuntu uyakhuleka na? O, gcina nje ngaphambili kukaNkulunkulu, ukhuleke!

Woza, mfowethu. EGameni likaJesu, phila.

246 Woza, dadewethu othandekayo. Woza, ukholwa ngakho konke okukuwe. O Nkosi, eGameni likaJesu, phulukisa udadewethu. Amen.

247 Woza, dadewethu othandekayo, kholwa nje yilokho uNkulunkulu akwenzayo, eBukhoneni baKhe. Udlula ngaphansi kwesiphambano manje. EGameni likaJesu makaphiliswe.

248 Woza, dadewethu, udlula ngaphansi kwesiphambano, ukholwe ngenhliziyo yakho yonke. Inkathazo yomhlane izohamba, futhi ungahamba uye ekhaya futhi uphile. Kulungile. EGameni likaJesu Kristu!

249 Woza, dadewethu othandekayo. O Nkosi, ngiyakhuleka, njengoba edlula, ukuthi Uzomphilisa. Amen.

250 Woza, dadewethu. Kholwa manje. Abashumayeli, khulekani. Wonke umuntu uyakhuleka. Woza. EGameni likaJesu, sengathi angaphiliswa. Amen.

251 Woza manje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Dadewethu ompofu, mubi kakhulu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi yini inkinga ngawe na? Uyakholwa ukuthi Angangitshela na? Khona-ke inkathazo yabesifazane iyanqamuka. Yana ekhaya ululame.

252 Woza, ukholwa. Kulungile, dadewethu othandekayo, woza. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ucabanga ukuthi uphilisiwe ngesikhashana esedlule lapho besikhulekela labo

abebenenkinga yenhliziyo laphayana na? Uyakholwa na? Qhubeka, uphiliswe, futhi ukukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

253 Masithi, "Mayibongwe iNkosi," wonke umuntu. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

254 Woza, mfowethu. EGameni leNkosi uJesu, kwangathi angalulama. Amen.

255 Akamangalisi na? Akamangalisi na? Akumangalisi ukuthi Wabizwa "Umeluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu Onamandla, uYise ongunaPhakade"!

256 Khulekela abathandiweyo bakho. Vele ukhuleke (ungazikhulekeli wena) abathandiweyo bakho umzuzwana nje. Khulekela othile.

257 Nenekazi, uyakholwa na? Uyakholwa ekutheni uNkulunkulu angangitshela ukuthi umeleni lapho na? Ngiyabona une... O, ungomunye wabasebenzi na? Angikwazi. Ngi—ngiqagele angikaze ngikubone ngaphandle lapho phakathi ezethamelini. Ngabe kunjalo na? Ukuze izethameli zizokwazi. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uKristu angangimbulela ukuthi inkinga yakho iyini na? [Inenekazi lithi, "Amen"—Umhl.] Futhi uma Ekwenza, khona-ke...Yebo, ngokuthi yena ugqoke leso silengiso, omunye umuntu angahle abe phakathi lapha futhi athi, "Awu, uyisisebenzi, uyamazi." Angikaze ngihlangane nawe empilweni yami, angazi lutho. Kepha uma ngikutshela ukuthi ikuphi inkinga yakho, nokuthile, uyazi kufanele kube into ethi engaphandle kokwenza kwami. Ngabe kunjalo na? ["Kulungile"] Awukho lapha ngesingawe. ["Qhabo"] Ulapha ngenxa yendodana yakho. Kunjalo. Futhi yena unokuthile okungahambi kahle ngemisipha yakhe. Kuluhlobo lokubola kwemisipha. Kwambangela ukuba abe kulesosimo, amehlo akhe aba nenxemu, nakho konke, ukwethuka kwangempela. Igama lakhe nguDonald. ["Yebo!"] Hamba uye ekhaya, futhi kholwa, akaphile. Thatha lelo duku...?...

258 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. Ngabe uzoza, dadewethu. Woza, ukholwa. Manje asikhuleke, wonke umuntu abe semkhulekweni. Woza, dadewethu. Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, sengathi udadewethu angaphiliswa.

259 Woza manje, dadewethu othandekayo. Kulungile, woza. O Nkosi, njengoba edlula ngaphansi kwesiphambano sikaKristu, sengathi iGazi lingathinta umzimba wakhe.

260 Woza, dadewethu othandekayo, kholelwa lowo omncanyana. Futhi, Nkosi, njengoba bedlula ngaphansi kwesiphambano, ngibeka izandla zami phezu kwabo futhi ngibacelela ukuphulukiswa kwabo, eGameni likaJesu.

261 Woza, mfowethu, dlula ngaphansi kwesiphambano, ukholwa ngenhliziyo yakho yonke. Ungaba nakho okucelayo. Ngegama likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa. Amen.

262 Woza, mfowethu, ngokufanayo, hamba ngqo ngaphansi kwesiphambano, ukholwe. EGameni likaJesu Kristu, siphe khona. Kulungile.

263 Woza, dadewethu. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. Kholwa. EGameni likaJesu Kristu, ngicela ukuthi isicelo sakhe samukelwe. Amen.

264 Khulekani, bazalwane. Wonke umuntu akakhuleke, yonke indawo. Kulungile. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angalulama.

265 Woza, dadewethu. EGameni likaJesu Kristu, sengathi angaphiliswa. Amen. Woza, noma ngubani okhulekayo, indoda ethile lapho, qhubeka ukhuleke.

EGameni likaJesu Kristu, makaphiliswe. Iba nokukholwa kuNkulunkulu.

Woza dadewethu. Kholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho. EGameni likaJesu, kwangathi ungaba kahle.

Woza, mfowethu. Uyakholwa na? Enkulu kakhulu, indoda enamandla, kepha nokho, enenkathazo yesisu. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, bese uya ekhaya, ube kahle eGameni leNkosi uJesu. Kulungile, mnumzane.

Uyakholwa, dadewethu omncane na? Kulungile, woza kimi lapha. EGameni leNkosi uJesu kwangathi isicelo sakhe singaphiwa.

Kholwa, mfowethu, ngakho konke okukuwe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi isicelo sakho singaphiwa. Ungangabazi; qhubeka, ungabona . . .?. . . Woza.

UNkulunkulu akubusise. Ngiyabonga mnumzane . . .?. . . Sekulungile, akunjalo na?

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? UNkulunkulu akubusise, nsizwa. EGameni likaJesu kwangathi ungzphiliswa.

Woza, dadewethu. Ngabe ukuphela kwamakhadi womkhuleko na? Wonke amakhadi omkhuleko aphelile na? Unjani? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa. Uyakholwa-ke ukuthi Angangitshela konke inkathazo yakho na? Kulungile. Manje, ngiyakukholwa nje ukuthi uthe usanda kuphuma esibhedlela. Enye yezinto engalungile ngawe, unenqulu ekhubazekile, inkathazo okhalweni lwakho. Kepha isehlakalo sakho esibhedlela kwakungenxa yokuhlinzwa kwabesifazane; akukapholi okwamanje. Kunjalo, akunjalo na? Futhi igama lakho nguNkk. Potts. Iya ekhaya futhi ululame manje . . .?. . .

266 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yiba nokukholwa. Leyondoda ehleli khona kanye emuva apho engilokhu ngiyibona. Iyakhuleka . . . Ifake ihembe elimhlophe, livulekile kukhololo, ikhulekela umngani wayo ohlezi kude nayo lapho

ngesimo sengqondo. Uyakholwa, mnumzane na? Phakama ume ngezinyawo zakho futhi ukwamukele. Ubeke izandla zakho phezu komngane wakho lapho. Nakho lapho ukhona. UNkulunkulu ikubusise. Iya ekhaya ululame, ndodana. UJesu Kristu uyakusindisa. Haleluya. Ubekhulekela umngani wakhe. Yilokho okukwenzayo. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu yenza lezo zinto, uyakuphilisa. Uyakukholwa lokho na?

Nangu owesifazane ehlezi khona lapha nento encane emhlophe inqamule ikhanda lakhe, ihleli eduze kwentombazane enokuthile okubukeka kuluhlaza okwesibhakabhaka ezinweleni zayo. Owesifazane ukhulekela umyeni wakhe. Kunjalo. Ubenomdlavuza, futhi uyesaba ukuthi uyabuya futhi. Kunjalo, akunjalo na? Kulungile. Uyakholwa na? Ima ngezinyawo zakho-ke, Kwamukele. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungamshiya.

267 Khulekela umuntu othile. Khulekela umngani. Khulekela umuntu othile. Lapha, emuva le lapho, ngibona indoda ehleli emuva emuva kwalona wesifazane lapha, impela emuva nje, ehleli ngaphakathi, owesibili ohlezi phakathi lapho, ukhulekela umkakhe. Unokwehluleka kwemizwa. Uyakholwa, mnumzane na? Kulungile, phakama ume ngezinyawo zakho futhi wemukele ukuphulukiswa, futhi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke. Iya ekhaya futhi umuthole eseluleme. UNkulunkulu akubusise, mfowethu othandekayo. Kholwa ngakho konke okukuwe.

Ngabe ukhona omunye umuntu okholwayo na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Lapha, intombazanyana endala iphakamisa isandla sayo khona lapha. Kukhona ukuKhanya okulenga phezu kwayo. O, yona i . . . Nakhu okuncane . . . Kukhona ababili babo. Inenekazi elincane liphakamisa isandla salo. Inenekazi elincane lihleli eduze kwalo, kubukeka njengokuKhanya kulenga phezu kwenenekazi elincane eligqoke ingubo ebukeka iluhlaza okwesibhakabhaka. Ukhulekela umuntu othile: umshana, unenkathazo yenhliziyo, ukwethuka. Kunjalo, akunjalo na? Akekho lapha. UseLos Angeles. Lowo udadewenu, isizathu nisondelene kakhulu. Uyakhuleka naye, kodwa okomngani. Ukhulekela ukuphenduka komngane wakhe. Lomngane ungumKatolika, futhi uyamkhulekela. Kunjalo. Nobabili ningodade. Uma kuyiqiniso lokho, yima ngezinyawo zakho. UNkulunkulu akubusise. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Kukhona okuthile okuxakile ngawe nokho. Uke waba ndawondawo, noma—noma wazi umuntu othile endaweni ethile engake ngaya kuyo. Ngibona indawo ebukeka ixakile. Akusikho—akusikho ngisho . . . YiJalimane. Ingabe ungumJalimane na? Kunjalo. Unguye. Kunjalo impela. Kulungile, ukukholwa kwakho kukunikeze isicelo sakho. Yiya ekhaya. Uzokuthola ngendlela okukholwe ngayo. Haleluya.

268 Nginiphosela inselele, eGameni likaJesu Kristu, ukuba nikukholwe ukuthi kuyiqiniso. Nginipho... Kanjani... Ngabe kukhona isoni lapha esithanda ukuza lapha futhi sime ngaphambi kokuthi siqhubekele phambidlana nomugqa wokuphulukisa na? Mngane oyisoni, wena ohlubukile, ungathanda ukwazi iNkosi uJesu njengoMsindisi oqondene nawe na? Woza lapha umzuzwana nje ngenkathi i-ogani isidlalela omncane wokubizela e-altare. Woza lapha. UMoya oNgcwele uyazi ukuthi ungubani. Uma unesidingo sikaKristu njengamanje empilweni yakho, uzokwehla uze nje ngalesisikhathi futhi ume lapha e-altare na? Lesi kungaba isikhathi sokugcina engingase ngisithole ukukhuleka nawe ezinsukwini zonke zokuphila kwethu. Leli yithuba lakho. UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane.

Ngabe uzoza na? Omunye futhi na? Lendoda iza lapha. Omunye futhi na? Woza ezansi ngemuva kwesikrini lapho, bese ungene ngqo e-altare manje, sisalinde umzuzwana nje. Sizolinda. Woza ngqo lapha, mnumzane, futhi ume khona lapha.

Omunye futhi angathanda ukuza ame ngakuye na? Phumela ngaphandle. Woza khona ngqo phezulu manje futhi ume lapha, ukuze sikukhulekele. Ngizojabula. Ngizojabula kakhulu ukukhuleka kanye nawe. Vele uze nje. Yilokho kuphela esicela ukwenze.

UNkulunkulu akubusise, mnumzane, ima ngqo lapha. Ingabe kukhona omunye na?

269 Kukhona umthombo ogcwaliswe ngeGazi elimuncwe emithanweni ka-Imanuweli, lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala lisusa lonke ibala labo lecala. Ingabe uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? UNkulunkulu eZwini laKhe na? UNkulunkulu eNdodaneni yaKhe na? Manje, ngabe uNkulunkulu ukubantu baKhe na? Awu, uNkulunkulu ukhona lapha ngalesosikhathi. Ufuna ukuza angene kuwe. Ngeke uze na?

> KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe...?...
>
> Kusuka onke amabala azo ecala.

Ngabe uzoza manje, wena onesidingo sikaKristu na? Asikhathali ukuthi ungowaliphi ibandla, nokuthi uya kuliphi, noma uzohamba uye kuliphi. Woza. Kulungile. Hamba wenyukele ngqo ngase-altare manje. Wena ongokabi nawo uMoya oNgcwele, ubungathanda ukuza na? Woza khona manje ngenkathi sisacula. Woza.

> Nezoni zabhukuda phansi kwethantala,
> Lisuse lonke...

UNkulunkulu akubusise, sithandwa. NginoSarah omncane ekhaya oweminyaka yakho. Uyakubona lokho, mama na?

Kusuka onke amabala azo ecala.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ngabe ukholisekile ukuthi uKristu ukubantu baKhe na? Woza ngaphambili manje, ubungeke na? Phuma ngqo. Woza ngalendlela.

Nezoni zabhukuda phansi kwethantala,
Kusuka onke amabala azo ecala.
Isela elalifa lajabula ukubona
Lowomthombo osukwini lwalo; (UKristu unikelwe kuwe, mngani. Ungeza futhi umeMukele na?)

. . . sengathi, nakuba (uNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. Hamba kahle . . .)
Ugeze zonke izono zami zisuke.
Lihlanza sonke isono zami,
Lihlanza zonke izono zami;
Futhi lapho ngingahle, nakuba ngimubi njengaye,
Lihlanza zonke izono zami.

270 Ngakho-ke ngizoqiniseka ukuthi azikho izandla ezinegazi ngosuku lokwahlulelwa sivayizisa kimina futhi sithi, "Bekufanele engabe uthe ukulibazisa isikhashanyana," Ngiyacela futhi ngimema wonke umuntu ongenaKristu, ongenathemba, ongenaMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu, ngiyakumema lapha kuleli-altare. Woza uMamukele manje. Kepha uma ungakwenzi, khona-ke ngeke ngibe nesibopho ngosuku lokwahlulela. Zibonele manje, ngenkathi uKristu esesephakathi kwethu. Siyakwazi lokho.

UNkulunkulu esemhlabeni waKhe nezulu. UyaMbona phandle lapho. UNkulunkulu eseZwini lakhe. UMbona lapha. UNkulunkulu eseNdodaneni yaKhe. UMbona esiphambanweni. UNkulunkulu kubantu baKhe. UyaYibona lapha ihamba, isebenza, Ilapha manje.

Manje, asize ngenkathi sisaphinda sisacula, "Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi." Ngeke uze na?

Kukhona umthombo ogcwaliswe ngeGazi, (Nanku umthombo. Lapha esiphambanweni. Ngeke uze na?)
. . . imithambo ka-Imanuweli,
Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,
Lisusa lonke ibala lazo lesono. (UNkulunkulu akubusise.)
. . . lonke ibala lazo lesono,
Lisusa lonke ibala lazo lesono;
Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,
Kusuka onke amabala azo ecala.

271 Qhubeka nje uze. Kulungile. Qhubeka uze. Sizoqhubeka silinde. Sinesikhathi esiningi kakhulu sokulinda abantu

abaphendukayo ukuba beze e-altare. Woza uqhubeke. Siyajabula, sijabule, sibonga uNkulunkulu ukuthi wena uyeza. Woza phezulu manje eBukhoneni bukaMoya oNgcwele, Yena Lowo ongosezindaweni zonke, onamandla onke, ongenasiphelo. Ngabe uzoza manje kuYe ngenkathi umusa waKhe usageleza ngokwanele ukusindisa bonke, ukukunikeza konke lokho onesidingo sakho. Ulapha ukukunikeza uMoya oNgcwele, ukusindisa impilo yakho, akuphilise kunoma yisiphi isifo, akwenzele noma yini oyifisayo. INkosi ibusise.

272 Manje, ngenkathi izethameli zisakhuleka, ngokuthule, ngizokhuluma kulabo abalapha. Bangani, kukhona okutshele ukuthi uze kuleli-altare. KwakunguYe lowo ofanayo owazi inhliziyo yakho, Yena lowo okhuluma lapha, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu. UNkulunkulu unguMoya oNgcwele kubantu baKhe, ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

Manje, Uzele ukuzobuyisana nawe kuYe uqobo. Nibusisiwe. Abusisiwe amehlo avulekile ukubona uMbuso kaNkulunkulu. Kube nezinkulungwane zabantu bakini ngaphambi kwakho, amakhulu namakhulu ogogo nomkhulu bakho, abebefisa ukubona lezi zinsuku. Amadoda amaningi amakhulu phambi kwethu, amadoda amaningi amakhulu ngaphambi kwakho alangazelela ukubona isikhathi lapho uMoya oNgcwele uzongena ebandleni futhi wenze lokho okubonile kwenziwa kulentambama. Bafela okholweni, bekholwa ukuthi ngolunye usuku abantwana babo bayokubona.

Manje, ukubonile kulentambama. Uzwe iZwi. Uyazi ukuthi Liyiqiniso. Futhi uNkulunkulu univule amehlo; imikhuleko yabo.

273 Nanka amantombazanyana emi lapha, umama emi, ebambe amantombazanyana amabili. Izinto ezincane ziyakhuphuka, zikhala izinyembezi. Ngiyazibuza ukuthi uma umntwana, abantwana, akukho yini okulahla abantu abadala ngecala, ngokusuka enhliziyweni yabo encane ethambile. Abakaze badonse ngayo yonke inhlobo yokudumazeka komhlaba nezinto. Imnene futhi imnandi. Ngibuka lamantombazanyana amabili angana phezulu nalenenekazi, sengathi bebefuna okuthile okuzokwenzeka. Impela, uNkulunkulu ukhuluma nabantwana baKhe abancane. IBhayibheli lasho njalo. "Vumelani abatwana beze kiMi. Ningabenqabeli."

Ngibona umama omncane lapha ubambe ingane yakhe, inganyana enomoya omuhle, uyibambe ngezingalo zakhe. Uze lapha manje ukubuyisana noKristu. Manje, ubusisiwe wena. "Akekho umuntu ongeza kiMi . . . "

Insizwa ibambe unkosikazi wayo omncane, ngiyacabanga, imile lapho imbambile. Uyakhala. Ugebise ikhanda lakhe ngenhlonipho yokuzithoba. Uyazi yini ukuthi leyo yimisebenzi kaMoya oNgcwele na? Abanye, intombazane enamehlo

amancane ansundu ingibuka cishe eneminyaka eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili ubudala, amehlo amancane ansundu nezinwele ezinsundu, ubuso bayo obuncane bonke bukhanyisiwe. Ilindele okuthile. Ingahle ibe ngayaseSpain.

274 Ngibona owesifazane osemusha othandekayo, nje lapho empambanweni yomugwaqo wempilo yakhe egebise ikhanda ngenhlonipho yokuzithoba, izingalo zakhe zisongiwe. Ngibona abanye, izinwele ezimpunga, amakhanda abo ekhothama. Lesi yisikhathi esingcwele.

Khumbulani, bangane, asikaze size lapha ukuba size nje. Size ngoba uNkulunkulu ukubizile. Niyimiklomelo yalomhlangano kulentambama. Ngeqiniso, niyimklomelo yomusa kaJesu Kristu, ukuthi Ukubize ukuba ubuyisane futhi uze uMamukele kulentambama. UNkulunkulu abe nawe.

"Babusisiwe (Niyabo?) abalambile futhi bomele ukulunga. Bazakugcwaliswa." Uthola lokho eziBusisweni. UJesu washo njalo.

Izinsizwa ezimi lapha, izinsizwa nje, mhlawumbe ishumi nesishiyagalombili, iminyaka engamashumi amabili ubudala, mhlawumbe abashumayeli abezayo, ngizokwazi kanjani na? Mhlawumbe kusuka lapho bazohamba izithunywa zenkolo esizokhanyisa umhlaba. Mhlawumbe phakathi kwalabo bafana abancane kuzofika iziphiwo ezizoshintsha izinkulungwane zemiphefumulo kuKristu, futhi wawukhona ngosuku lapho beza e-altare. Isikhathi esimnandi kanje pho.

275 Asikhothamise amakhanda ethu manje, Ngisanikela umkhuleko. "Akekho ongeza kiMi," kwasho uJesu, "uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi wonke lowo oza kiMi, aNgisoze ngamlahlela ngaphandle. Zanini kiMi nina nonke enikhathele nenisindwayo. Ngizoninika ukuphumula."

Nkosi, naba. Beze ngoba Ubameme ukuba beze. UMoya oNgcwele ezinhliziyweni zabo uhambile futhi wababiza, futhi bayeza. Lapha bemi e-altare, bephenduka, bekhothamise amakhanda, befuna ukugcwaliswa ngoMoya waKho wokulunga kwaKho—kwaKho. Bagcwalise, Nkosi. Ngcwelisa izimpilo zabo. Bathumele emasimini okuvunwa, lababantu abemi lapha belindile. Kungenzeka ukuthi usekhaya nje. Kungaba ngaphesheya kolwandle. Kungaba kwenye indawo, kepha kukhona isivuno esilungele ukuvunwa.

Nkosi, ngiyakhuleka ukuthi Uzongcwelisa imiphefumulo yabo, futhi ubagcwalise ngoMoya, baze babe yizitsha ezikhethiweyo zaKho: makuthi abesifazane abahlala emakhaya bavune omakhelwane, mhlawumbe umntwanyana akhulume ngoJesu entombazaneni encane esikoleni, mhlawumbe izinsizwa zithwale iVangeli liye eMexico, elinye izwe langaphandle ndawo ndawo. Siphe khona, Nkosi. Abadala ukuba bakhulume ngakho ekhoneni lesitaladi kumlingani wakhe, mhlawumbe

kwenye indawo: indoda yasefekthri kumphathi wayo, noma kulabo abasefekthri . . . Wena uyazi, Nkosi. Ngiyakhuleka ukuthi uzobagcwalisa khona manje, ngokulunga nomusa waKho.

Bazile; ngiyazi Ubamukele, ngoba Wena wathi, "Oza kiMi, angisoze ngamlahlela ngaphandle. Lowo ozoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngizomvuma phambi kukaBaba waMi, neziNgelosi ezingcwele." Ngakho-ke, balapha bemi esidlangalaleni ukwenza isivumo: babe nephutha. Bafuna ukulunga. Bamukele, Baba. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobabusise, ubenze babe ngabantwana baKho kulelihora kusukela manje kuqhubeke, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

276 UNkulunkulu anibusise, ngamunye kini. Yemukela uMoya oNgcwele. Manje, ngena ngqo egumbini lapho sizohlangana khona nawe emuva lapha, futhi sibeke izandla ngamunye wethu, ukukhuleka. Ngemuva khona lapha, siye emuva ngqo. Kukhona igumbi elihlinzekelwe khona lapha, lapho uzoba khona emizuzwini embalwa nje emuva lapho ukwenzela u—ukugcwaliswa okugcwele. Guqa phansi; bonga uNkulunkulu ngokukusindisa. Kubekwe izandla kuwe emuva lapho ngesidingo sakho, nangoMoya oNgcwele. UNkulunkulu akubusise. Abusise lomama omncane, bonke behambisana bephethe izinganyana zabo, nobabayi edonsa izinwele zenganyana yakhe, azi ukuthi nayo iyazi ukuthi ngolunye usuku ingatshela omncane wayo, sihlala kulowomhlangano lapho beza eNkosini uJesu. (*Kwelihle Njalonjalo.*)

Kunezwe elihle okukhanya bha,
Futhi ngokukholwa silibona kude.
Ngokuba uBaba ulinde endleleni,
Ukusilungiselela indawo yokuhlala lapho.
Kwelihle hle,
O, siyakuhlangana kulologu oluhle.
Kwelihle hle ne . . .

